

WENA NDODANA

KADAVIDE, NGIHAWUKELE



Asibe silokhu simile nje umzuzwana senzele umkhuleko. Bangaki abangathanda ukukhunjulwa kulobubusuku phambi kukaNkulunkulu e...?

² Baba wethu waseZulwini, sijabula kakhulu ukuthi Uyawuphendula umkhuleko. Ngijabula kakhulu ukuthola emva kweminyaka eminingi, ngihlangana nabantu abavela emuva le ngo '46 no '47, besaphulukisiwe, ngenkathi bebulawa ngumdlavuza, bekhubazekile ezihlalweni ezinamasondo, bephuphuthekile, bengakwazi ukubona. Futhi nampa, lapha, bengixhawula, bethi, “Mfowethu Branham, ngangikhubazekile; ngangiyimpumputhe; ngadelwa nginomdlavuza, futhi angikaze ngibe nosuku lokugula kusukela lapho.” O Nkosi, siyazi ukuthi lokho kungaba kuphela umusa waKho kubo. Sijabula kakhulu ngalokhu, futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi abanye abahluphekayo namhlanje bazokhumbula ukuthi Unguwe izolo, namuhla, naphakade.

³ Sikhulekela ukuthi Uzosibusisa kulobubusuku njengoba sihlanganyela ngaseZwini elilotshiwe, ukuze inkazimulo kaNkulunkulu ingangena phakathi kwethu. Sijabula kakhulu ukuzwa imiphumela yomhlangano wayizolo ebusuku, semukela uMoya oNgcwele futhi sisindiswe. O Nkosi, siKubonga kanjani ngalezizinto. Khuleka manje ukuthi Uzosibusisa engxenyeni eqhubekayo yenkonzo njengoba silindele Wena. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

⁴ Kuyinhlanhla enkulu ukuba nezethameli ezinhle kanje ukukhuluma kuzo, futhi—futhi kwenza kube lula kakhulu kuwe uku—ukukholwa uNkulunkulu lapho lezi, zenzeka kanje. Manje, kade ngishumayela ubusuku obumbalwa, futhi—futhi nje iVangeli, ngoba ngicabanga ukuthi uma u—uma umuntu ephulukisiwe, uma bephila isikhathi eside kakhulu, mhlawumbe bazophinde bagule futhi. Kodwa uma usindisiwe, lokho kuPhakade, futhi unokuPhila okuPhakade. Futhi kukanjalo... kuba leyithi kakhulu ezibanini zakusihlwa ukuthi ngizwa ukuthi into eyodwa enkulu idingeka kakhulu kunazo zonke: Leyo yinsindiso.

⁵ Futhi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kumane nje kuyi... Njengoba nje uMfowethu Bosworth wayevamise ukuthi, “Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuyisicupho osifaka ehukwini. Inhlanzi ayiliboni ihuku; ivele ithathe isicupho bese ithola ihuku.” Ngakho-ke kungaleyondlela. Abantu

babona o—okungaphezu kwemvelo, isimangaliso sokungaphezu kwemvelo, uNkulunkulu ephulukisa abagulayo. Futhi khonake ba—bafinyelela kulokho, futhi into yokuqala niyazi, ba... into yokuqala niyazi, basezingalweni ngqo zeNkosi uJesu ngokukholwa okukhulu ukuba bakholwe. Futhi—futhi ku... bese-ke beba ngumKristu, babe nokuPhila okuPhakade.

⁶ Manje, iphesenti elikhulu lenkonzo yeNkosi yethu, cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili ayo noma kangcono, ngicabanga ukuthi kwakuyiwo, kulinganiselwa cishe amaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili enkonzo yaKhe kwakungukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Ngakho Wakwenza lokho ukuba abambe amehlo esixuku, kanti futhi ukukhombisa ukuthi WayenguMesiya wabo. Wabakhombisa isibonakaliso sobuMesiya ukusho ukuthi babenguMesiya.

⁷ Izolo ebusuku ngikholwa ukuthi uMfowethu Arganbright ubuze izethameli ngokuthi bangaki abangathanda ukuqhubeka e—ezinkonzweni zokushumayela, futhi noma bangaki abangathanda ukuhamba futhi babe nezinkonzo zokuphulukisa nje. Futhi ngicabanga ukuthi, o, iphesenti elincane kakhulu labo ngezinkonzo zokuphulukisa; kodwa nokho, uma sizovula izinhliziyu zethu kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzokwenza noma kanjani. Niyabo? Sikubona kanjalo nje.

⁸ Ngikhathele kancane kulobubusuku. Kade ngi... Ngingezinkonzo nomaphi kusukela kweyodwa kuya kwezintathu ngosuku, niyazi. Ngakho ngesikhathi ngifika lapha sengisondele impela ukuba ngikhandleke futhi ukuba ngiqale. Ngakho-ke bengisenhla ebandleni elidala lasePisgah kulentambama, futhi noma iPisgah Home, noma ngabe kuthiwani; futhi ngiyanitshela, sibe nesikhathi esihle kakhulu. I...Ngathola ukuthi ezinye zezingwazi ezindala ezivela eMgwaqeni u-Azusa usenhla lapho nokho kulelobandla, ekhonza, u-Azusa Street omdala. Ngibone labo besifazane abadala namadoda behlezi lapho. Bengi—ngifuna nje ukubagaxa ngezingalo zami futhi ngibagone, niyazi. Ba—babukeka benomoya omuhle kakhulu.

⁹ Ngicabanga ukuthi u—umntwana omncane ngempela, noma umuntu omdala, niyazi, babonakala bengenakuzisiza okwesibili. Futhi mina—mina ngempela, ngi—ngiyathanda ukuhlangana nomuntu omusha futhi ngizame ukubashukumisa emgwaqeni ofanele; bese-ke ngifika kumuntu omdala bese ngithola ukuthi mingaki imigodi eyizisele ayiwelile nokuthi yyiwele kanjani, futhi khona-ke ngizokwazi ukuthi ngiyiwela kanjani lapho ngifika lapho...Ngakho—ngakho, ngithanda abasha nabadala, naphakathi nendawo futhi. Ngithanda wonke umuntu. Ng—ngingakusho lokho ngokusuka enhliziyweni yami.

¹⁰ Ukuba bengazi kulobubusuku ukuthi benginesitha, ngingahle ngibe naso. Mhlawumbe ngingaso. Kodwa uma ngingaso, angazi nje ukuthi ubani. Uma bekunjalo, impela

bengingeke ngiye ekushumayeleni ngize ngihambe, kuqala, futhi ngakulungisa lokho, ngibone ukuthi ngingakuqondisa yini, ngoba asifanele sibe nalutho olumelene nanoma ubani, noma uma kukhona esingakwenza, makungabikho-muntu onanoma yini ngathi. Niyabo? Futhi manje uma... Futhi Alisho ukuthi, “Uma unokuthile ngomfowenu,” kodwa, “uma umfowenu enakho ngawe,” niyabo, “yana kuye,” niyabo, “uma enakho.” Futhi ngaleyondlela, ngani, siphila ngokuthula.

UMfowethu Goad lapha, umfana oligugu... Ngezinye izikhathi omunye uthi, “Kungani... yini impumelelo yenkonzo yamho, Mfowethu Branham na?”

Kusobala, nguKristu.

“Ubambelela kanjani kanjalo, futhi nje ulokhu uhamba ubusuku emva kobusuku na?”

¹¹ Abafana bami, a—abantu abanami; lomfana lapha uhamba ngezinye izikhathi izinsuku engadlile ngisho, elele ngobuso bakhe, ekhalela usizo kuNkulunkulu enzela mina. Manje, uNkulunkulu angeke nje akwenqabe lokho. Niyabo? Umkami ekhaya, abantwana bami, abathandekayo bami, abantu, abangani bami, bazile ukudla futhi bakhuleke. Nanso impumelelo.

¹² Niyabo, sonke... Sonke asikwazi ukushumayela, futhi sonke... abanye bethu abakwazi ukwenza enye into, enye. Kodwa sonke singenza okuthile, futhi lokho kuyasiza. Niyabo?

¹³ Njengaleliwashi nje lapha. Line—nesandla kulo, lisho isikhathi. Manje, bengingeke ngazi ukuthi kukangaki leyonto encane ishintshela emuva naphambili phakathi lapho ukusho ukuthi kwakungasikhathi sini; isandla siyasho. Kodwa ukuba lelosondo elincane belikade lingagxumi liye emuva naphambili kanjalo, ku—ku—ku—kungebe yisandla lapha ukwenza noma ngasiphi isikhathi. Niyabo? Bengingeke ngazi ukuthi bekukuphi. Futhi uma sasingekho isipringi esizongolozelayo ukusonga leyonto encane phezulu lapho, ngani, bekungeke kugxume emuva naphambili. Niyabo?

¹⁴ Ngakho si—si... Yonke into izofanele isebenze ndawonye. Lonke ibandla lizofanele likhuleke, futhi bonke abantu abangafundele lutho bazofanele bakhuleke, abadikoni nabaphatheli nomelusi futhi sonke kanyekanye singena eBukhloneni bukaNkulunkulu kanjalo, njengobunye obukhulu.

¹⁵ Niyabo, manje, ake sithi isibonelo nje, lolopiyano luzokwenza umsindo. Ngazi kanjani na? Ngazi kanjani ukuthi kuzokwenza umsindo na? Awu, ngikhulwa ukuthi kuzowenza. Lokho ukukholwa kwami. Manje, ubungenzani ukwenza umsindo kulolopiyano na? Umunwe wami ubuzofanele uluthinte. Kulungile, manje, into yokuqala, ikhanda lami, ingqondo yami, ifanele icabange ngakho. Inhliziyo yami izofanele ingitshele ukuthi kuzokwenzeka noma qha, lokho

kungokukholwa. Manje, uthi, umunwe wami, kuyinto enkulu. Iso lami, lolo uhlangothi lwesiprofetho, ukubona.

¹⁶ Awu, manje, uma nje ngahlala futhi ngabuka lolophiyano, uthi, “Awu, luzodlala,” awu lokho—lokho akukwenzi—lokho akukwenzi. Manje, niyabo, ngifanele ngenze . . . Izinyawo zami zizofanele zisebenze.

¹⁷ Manje, uma-ke izinyawo zami zithi, “Awu, angisilo iso, ngakho nje angizukwenza lutho ngakho.” Awu, izinyawo zami—zami zithi, “Ngizokuyisa laphaya.” Kulungile, nakhu la sihamba khona. Niyabo? Izinyawo zami ziyangiwelisa. Manje, manje, ngilapha, ngingapha. Awu, iso lami lisalokhu libuka, kodwa li—li—alikhwazi ukuthinta isihluthulelo. Izinyawo zithi, “Awu, angisithinti isihluthulelo.” Kodwa kuthatha umunwe. Niyabo?

Futhi niyabo, uma i—uma ikhala lithi, “Ngizokwenza,” lokho ngeke kusize.

¹⁸ Iso lithi, “Ngizozama ukulushaya,” ngeke kusize. Niyabo? Kufanele kube nomunwe wami. Ngakho nakho konke kusebenza ndawonye, [UMfowethu Branham ushaya amanothi athile opiyaneni—Umhl.] Nginawo. Niyabo? Yilokho-ke.

¹⁹ Manje, yini ukukholwa na? Mingaki imizwa ekhona emzimbeni womuntu na? Okuhlani: ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, ukuzwa. Ngabe kunjalo na? Awu manje, ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, ubufakazi obubonakalayo bezinto ongaziboni, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, ukuzwa. Ngabe kunjalo na? Ngumuzwa wesithupha. Ukuba benginelinye iviki bengiyoshumayela ngezinye zalezozinto, umuzwa wesithupha, noma, enkonzweni yokuphulukisa, njalo. Manje, kufana nje nokwakho . . .

²⁰ Woza lapha, Mfowethu Borders. Manje, ake nginikhombise. Sewake wezwa abantu bethi, “Ukubona kungukukholwa”? Bangaki abake bakuzwa na? O, nikuzwile, “NgiyiMissouri,” niyazi, “nizofanele ningikhombise.”

²¹ Futhi manje, kukhona indoda emi phambi kwami. Inezinwele ezinsundu, igqoke uhlobo lwesudu ebukeya insundu, uthayi onsundu igqoke iyembe elimhlophe. Bangaki okukholwayo lokho na? Niyabo? Awu, manje nginomuzwa owodwa omemezelayo lapho, lokho ngukubona kwami. Manje, hlehla kancanyana nje. Kulungile, manje, akunakwenzeka kimi, umuzwa wami wokubona ukuba ngithi ulapho, kodwa ngiyazi ukuthi ulapho manje njengoba nje ngazi kahle ukuthi ngiyambuka. Kungani na? Angikwazi ukumbona. Ufuna ukuphikisana nami akekho lapho na?

Manje, wena uthi, “Ungahle ukuba uphakamise uMfowethu Buntane.” O, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo. Akusuye uMfowethu Buntane, nguMfowethu Roy—uMfowethu Roy Borders.

²² “Wazi kanjani ukuthi kunjalo na? Usanda kubamba isandla somuntu.” Awuzange ungishintshanisele amadoda. Ufake iringi yomshado ebanzi ngempela, niyabo, futhi ngiyazi ukuthi nguye. Niyabo? Ngakho ngi—ngiyazi ukuthi lokho yi. . . Manje, angikwazi ukumbona, kodwa nokho ngiyazi ukuthi ulapho kahle nje sengathi bengimbuka. Ngakho ukubona akusikho ukukholwa, akunjalo na? Qhabo, qhabo, hhe-e, hhayi ngalesisikhathi. Impela qha, ngoba ukuzwa kungukukholwa. Ngabe kunjalo na?

²³ Awu, manje. Niyabona manje, yini i. . . (Ngiyabonga.) Yini ukukholwa na? Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, ubufakazi obubonakalayo obuqondile bezinto ongaziboni, uzinambithe, uzithinte, uzihogele, noma uzizwe. Niyabo? Yilokho-ke. Wena uthi, “Leloyembe limhlophe.”

Awu, ukuba-ke bengingakutshela, “Leloyembe libomvu.”

Ubuyothi, “Awume kancane, Mfowethu Branham, leloyembe limhlophe.”

²⁴ Awu, bengiyothi, “Qhabo, libomvu.” Awu, manje, indlela kuphela okungaba. . . Kungenzeka ukuthi belingaba bomvu na? Yebo. Uma ubungakwazi ukubona umbala kungahle libe bomvu. Niyabo? Ngakho ukubona bekungeke kube ngukukholwa okwamanje. Niyabo?

²⁵ Kodwa ukukholwa kwakho. . . Lapho ukukholwa kuvuma, ungeke u. . . ube ngovuma kakhulu. Njengokuthi uma uhlezi e—e—unikezwe i—icala, ecaleni futhi ubuka ngefasitela futhi wabona ingozi. Kunzima kubo ukuthatha ubufakazi bakho obubonakalayo, ngoba ungahle ukuba ube nokukhohliseka kwamehlo. Awukaze ukubone ngaleyondlela. Niyabo? Futhi ngezinye izikhathi ucabanga ukuthi uqinisile ngempela.

²⁶ Wake wehla ngomgwaqo futhi wabona utalagu emgwaqeni na? Kubukeka sengathi impela nje kungamanzi. Ngafunda ephepheni lapha esikhathini esithile esedule lapho isigejane samadada ayecabanga ukuthi kwaku—kwakungamanzi, futhi kufanele ukuthi akubona lapho ngamehlo awo, futhi ashaya ngqo emgwaqeni. Kwawabulala onke, niyabo, ngoba kwakulutalagu.

²⁷ Izikhathi eziningi izidalwa ezingabantu zibona utalagu, futhi ziyacabanga, “O, lokhu yikho nje,” aphetha ngokuzibulala. Niyabo? Ngibabone phandle ogwadule ngenkathi bephandle phakathi lapho futhi behlola. Aphuma emanzini, nenkantini yawo ayisekho, futhi awanamanzi. Futhi a—aqala ukubona utalagu futhi acabanga ukuthi amanzi, futhi agijima futhi awa phansi futhi aqala ukuphosa, cabanga, amanzi phezu kwawo. Futhi kuyini na? Ukunqwabelanisa isihlabathi esishisayo. Futhi yileyondlela udeveli enza ngayo. Ngezinye izikhathi ukukhombisa utalagu olungamanga. Futhi ucabanga ukuthi kuyinto enkulu, kodwa lapho ufika lapho, uzithola nje

unqwabelanisa izihlabathi ezishisayo futhi wone phezu kwakho kakhulu kakhulu. Niyabo, ungalandeli utalagu lukadeveli; ukukholwa kwakho makugxilise okwehange ngqo eZwini likaNkulunkulu. Hlala nakho ngqo, niyabo, kanjalo. Kuzofanele kudonse. Niyabo?

²⁸ Lowomuzwa wesithupha uyo—uyo—uyokweqa noma yimuphi weminye emihlanu. Siyenza... Eminhlanu ilungile inqobo nje uma ivumelana nowesithupha. Kodwa umuntu akanikwanga ukuphila ngemizwa emihlanu; waye... ukuvumela imizwa emihlanu imqondise. Wanikwa, uthambekele kukho, wazalwa lapha ukuba aholwe umuzwa wesithupha, yilokho uNkulunkulu amnikela khona umuzwa wesithupha. Leyo yindawo kaNkulunkulu enhliziyweni ukuba asihole. Ngakho siholwa umuzwa wesithupha, uma nje sizowuyeka. Manje, uma umuzwa wesithupha uthi i—iZwi linephutha, khona-ke unga, awukho emzweni wesithupha. Niyabo? Lowo yimizwa emihlanu, kodwa umuzwa wesithupha uyokholwa izinto imizwa emihlanu engazimemezeli. Kuthe ukuxaka kodwa ku—kuyiqiniso, niyabo, ukuthi umuzwa wesithupha yilokho esiholwa ngakho.

²⁹ Ngivele nje, phandle lapho emizuzwaneni embalwa edlule, ngikhulekele owesifazane osekulile othandekayo okade elele lapho izinsuku ezine elindele ukukhulekelwa. Futhi into enjalo, ngiyanitshela, ngizwa nje sengathi bengifanele ngiyiguqule ibe yinkonzo yokuphulukisa ngandlela thize, ukubona uMoya kaNkulunkulu uhamba kanjalo. Leyonto endala bandla, ngambamba ngesandla, futhi—futhi ngabona ukuthi yini eyayingalungile. Futhi awu, lokho... .

³⁰ (Ufundeni manje na? ULuka, ya, e—hhe, kulungile.) Manje, ngifuna ukuthatha indikimba kulokho, iNkosi ithanda. Manje, uma uNkulunkulu ethanda, kusasa ebusuku ngethembisile, ngifuna ukushumayela ngokuthi *UPhawu LukaNkulunkulu*. Nonke niyazithanda izifundo ezifundisayo ezinjalo na? *UPhawu LukaNkulunkulu*, bese-ke kuba *UPhawu LweSilo* ngobusuku obulandelayo. Futhi kulobubusuku ngifuna ukuthatha indikimba kulokhu, noma, okwendaba, lapho efunde khona lapha, uLuka oNgcwele i—isahluke 18. Futhi efundile kusukela evesini 35 kuya kwelama 43, nalo.

³¹ Manje, ngifuna ukuthatha ivesi 38 libe yindikimba. *Wena Ndodana KaDavide, Ngihawukele*. Futhi asikuthathe kakhulu njengomdlalo wasesiteji omncane kulobubusuku. Ngikhathele kancanyana emphinjeni wami, futhi ake nje sibe nomdlalo wasesiteji omncane wakho imizuzwana embalwa.

³² Isigcawu sethu—sethu sivuleka ngokusa okubandayo, kwasentwasahlobo, futhi kusezindongeni, izindonga ezindala ezidilizelwe phansi zaseJeriko. Futhi kukhona i—indoda ehlezi lapho esaziyo ukuthi iyisinxibi esibizwa ngoBartimewu

oyimpumputhe, noma uBartimewu; kungaba okukodwa, kubizwe kahle. Futhi ngakho ngalolosuku kwakukhona izinxibi eziningi. Futhi ubusuku bonke wayekade eshabasheka futhi egingqika, wayengakwazi ukulala. Abaningi bethu bayazi ukuthi hlobo luni lalobo busuku, akukho nje ukuphumula nhlobo. Futhi wayegingqika esuka kolunye uhlangothi lombhede aye kolunye, futhi kwakungekho kuphumula kumfo omdala ompofu. Futhi wayevuka sekuleyithi, ngakho wayefika emsebenzini wakhe sekuleyithi. Ngakho-ke, uma—uma bengekho lapho kusenesikhathi, abahwebi nokunye nokunye, bengena, ziningi kakhulu izinxibi nabantu, okungelapheki, njengobumpumputhe, nochoko, nabakhubazekile, kanjalonjalo, nabantu ababeshaywe ubumpofu. Futhi mayelana nesinxibi sokuqala abahlangana naso basinika uhlamvu lwemali, nalokho kuthi nje akukuxazulule. Yilokho kuphela ababekwazi ukukwenza ngosuku.

³³ Ngakho wayefika endaweni yakhe sekwedlule isikhathi. Ake sithi sekuyoshaya ihora lesishiyagalombili nqo ekuseni, futhi ubefanele abe lapho cishe ngelesithupha. Kodwa isizathu sokuba wayeyithi kwakuyingoba waphuthelwa ubuthongo obuningi kakhulu. Ubusuku bonke wayegingqikile futhi eshabasheka futhi akakwazanga ukulala. Futhi waye... wayephupha ubusuku bonke ukuthi angabona futhi. Waphupha ebona ngamehlo akhe. Futhi wayevuka, abuye ayolala.

³⁴ Niyazi ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uyasesxwayisa izikhathi eziningi ngamaphupho. Anicabangi kanjalo na? Uhlala njalo ekwenza, futhi Wethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi Uyokhombisa imibono futhi abavumele baphuphe amaphupho. Futhi ake sicabange ngoBartimewu, futhi waphupha ukuthi wayengamuke... wayemukele ukubona kwakhe futhi wayesengakwazi ukubona futhi.

³⁵ Ngakho ngenkathi efika lapho ngalokho kusa wayeseleyithi, futhi bonke abahwebi base bengenile edolobheni, no—nomuzi omkhulu wezohwebo, njengoba kwakunjalo. Kodwa bonke—bonke babengenile, bafika kuse-eli ezindaweni zemakethe ukuba bathengise izimpahla zabo kanjalonjalo. Ngakho mhlampe wayezodingeka enze ngaphandle kwalolosuku. Akakwenzanga... wayengeke abe nohlamvu lwakhe lwemali losuku lokudla. Futhi ngiyabona nje, njengoba izikhathi eziningi simthwebulile: eyakhe endala, ingubo emanikiniki, *kanjalo*, nezingalo zakhe ezindala ezishwabene, nentshebe igcwele ubuso bakhe, naleyo empunga, futhi—futhi eyimpumputhe ngasemgwaqeni, ethi ukuzama ukufika endaweni lapho ayehlala khona phansi futhi anxibe. Ngamunye wayenendawo engeyakhe yangasese lapho ababenxiba khona.

³⁶ Leyo yinto edabukisayo. Ngike ngaba seNdiya futhi ngababhekisisa lapho lapho oku—kunabantu abayizigidi ezingamakhulu amane namashumi ayisikhombisa eNdiya;

futhi ukwethembeka, ngingacishe ngithi izigidi ezingamakhulu amane zabo bayizinxibi. Wena...Yonke indawo nje isinxibi, isinxibi, isinxibi. Futhi ngamunye unendawo yabo nendawo yabo, nolunye uhlobo lokulumba okuncane abakwenzayo ukuheha ukunaka kwezivakashi: futhi ukubona okudabukisayo.

³⁷ Futhi khona-ke simthola ehlezi lapho. Futhi emva kobusuku obubi, awu, ubonile ukuthi kwakungekho muntu lapho, ngakho wacabanga ukuthi mhlawumbe wayezohlala phansi edwaleni. Niyazi izindonga zazidilizwe osukwini lwakhe lapho uJoshuwa ayengene khona, namadwala amakhulu ayebekwe eceleni. Ngakho kufanele ukuthi wathola indlela yakhe yokuphuma ngaseceleni kwesango lasenyakatho eliholela phezulu ngaseJerusalema. Wayesehlala phansi lapho ekukhanyeni kwelanga. Futhi wayecabanga, “Awu, kuza entwasahlobo manje, futhi ngikholwa ukuthi ngizohlala lapha elangeni elifudumele; ngiyagodola kulokhu ukusa, nezingubo zami zondile. Ngizohlala lapha elangeni elifudumele okwesikhashana nje, futhi—futhi mhlawumbe kungahle kube noyedwa oshiywe ngaphandle engingathola uhlamvu lwami lwemali. Uma ngingakwenzi, umndeni wami uzo—uzobe ulambile namhlanje.”

³⁸ Futhi lapho ehlezi lapho uqala ukucabanga ngephupho lakhe: “Izolo ebusuku ngiphuphe ukuthi ngiyabona. O, ukuthi izibhakabhaka zifanele zibukeke zizinhle kanjani. Amagquma aseqala ukuqhakaza futhi.”

³⁹ Khona-ke ingqondo yakhe ibuyela emuva esikhathini esengumfanyana ngenkathi evame ukuhlala ngasogwini lapho eJordani, futhi ngasekuqaleni kwaleyontwasahlobo, ngani, kwakuvamise ukuba nezimbali ezisankomishi ezinkulu eziqubukayo, nezimbali ezincane. Kanjani, umfana omncane, ukuthi wayevame kanjani ukuzulazula phezu kwegquma futhi ahlale phansi futhi—futhi acoshe lezozimbali, futhi alale phandle lapho, futhi o, ekuseni, futhi ngicabanga ukuthi izibhakabhaka zazizinhle kanjani, namafu amakhulu amhlophe eza entwasahlobo, no—nokuthi okuluhlaza kwakukhuphuka kanjani, ukuthi isibhakabhaka siluhlaza kanjani, neJordani ngesikhathi salo sokukhukhumala, iqhwa lehla livela eJudiya, nokuthi izimbali zaziqhakaza kanjani.

⁴⁰ Bese-ke ezwa iphimbo elejwayelekile sonke esithanda ukulizwa, iphimbo elimnandi likamama, ebiza, “Bartimewu, mncinyane wami, ukudla kwakho kwasemini sekulungile.” Kwase kuthi-ke ngenkathi uyise esensimini ndawondawo esebenza, ukuthi wayengena kanjani, ukuthi lowomama omncane oyiJuda wayezomlinda kanjani ezitebhisini, futhi amqokule ezingalweni zakhe, futhi amgone, futhi amhlalise phansi edineni lakhe—lakhe.

⁴¹ Kwase kuthi-ke emva kokuba eseqedile, aphumele egosini. Futhi wayevame ukuhlala phandle egosini, nokuthi unina

wayemthunduzela kanjani, futhi wayethatha isihlwathi sakhe santambama. Ngakho-ke wayezohhala kanjani izinwele zisuke emehlweni akhe, futhi—futhi yena... abheke phezulu futhi abone lawo amahle, amakhulu, amehlo athambile kamama, nokuthi wayanga kanjani izihlathi zakhe ezincane bese ethi, “O, ngimbonga kakhulu uJehova uNkulunkulu ngomfanyana omuhle njengawe, Bartimewu. Uyazi, Bartimewu, ngenkathi uzalwa ngakunikela kuJehova. Bengihlala njalo ngikhulwa ukuthi uJehova uyokusebenzisa ngelinye ilanga, Bartimewu, Uyokusebenzisa inkazimulo yaKhe.”

⁴² Futhi khona-ke ecabanga, “Lapha ngihlezi lapha ngiphuphuthekile, kungeqi mhlawumbe imayela ukusuka lapho engangidlala khona futhi ngabona. Futhi uJehova angake aze angisebenzise kanjani na? Ngiyimpumpithe. Akukho mathemba kimi.”

⁴³ Kodwa asazi njalo, niyazi. UNkulunkulu usebenza ngezindlela eziyimfihlakalo ukwenza izimanga zaKhe. Uma sinikela noma yini kuNkulunkulu futhi sikukholwe, njengabantwana bethu kumbe noma yini okunye, asikholwe ukuthi uNkulunkulu uzowuphendula lowomkhuleko. Namhlanje ngaphambi kokuba ngihambe, ifoni ikhala njalonjalo, nomama nabantwana babo futhi bethi, “Manje, bakhulekeleni.”

⁴⁴ Ngithi, “Manje, banikele kuNkulunkulu nje. Yilokho kuphela ofanele ukwenze. Futhi ungabe usazibeka izandla zakho. Vumela uNkulunkulu abe nakho. Uma uzokwenza okuthize ngakho, khona-ke uNkulunkulu uzoma emuva futhi akudedele uqhubeke uze uqede. Kodwa lapho ukunikela kuNkulunkulu futhi uMvumele abe nakho, khona-ke Uzokwenza.” Wena nje—wena nje Mkhulwe. Qhela nje, futhi ungasebenzi, kodwa kholwa. Yilapho umusa ubalelwa khona ukulunga, ukukholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza.

⁴⁵ Khona-ke wathi, akungabazeki, enhliziyweni yakhe, ukuthi wayekhumbula ukuthi umama wayevame kanjani ukumfundela izindaba zeBhayibheli. Niyazi kwakuvame ukuba omama babenesikhathi sokufundela abantwana babo izindaba zeBhayibheli; abasenaso manje. Bafanele bathole imoto entsha futhi baphume futhi baye ephathini yamakhadi yamanenekazi, na—nayo yonke into.

⁴⁶ Futhi omama, babevame ukuba, babefanele bathwale amanzi abo emthonjeni bese bewabilisa ngaphandle. Ngiyakhumbula umama wami wayeneketela lensimbi elidala elikhulukazi, futhi ewashela ngaphandle, futhi wayenesikhathi esiningi, manje, kunoma umama wesimodeni enza nje ukucindezela inkinobho, *kanjalo*, futhi enze iwashingi yakhe, izitsha, konke okunye, avele acindezele inkinobho. Kodwa angicabangi ukuthi izinto zethu ezikahle zesimanje zisifikise

noma yikuphi. Futhi okuyikho, kusenze sivilapha kabi kabi, kusibulala ngenkathazo yenhliziyi nakho konke okunye.

⁴⁷ USusanne Wesley wayenabantwana abayishumi nesikhombisa. Futhi nalabo bantwana abayishumi nesikhombisa emuva emakhulwini eminyaka edlule, wayesakwazi ukuthatha amahora amabili kuya kwamathathu ngosuku, kulo lonke uhlelo lwakhe olumatasatasa, ukufunda iVangeli nokukhulekela abantwana bakhe. Kwenzekani na? WayenoJohn noCharles, bephuma lapho, abagumbuqela izwe. USusanne Wesley, ngama ngasethuneni lakhe esikhathini esingaside esedlule ngase ngibeka isandla sami etsheni. Ngathi, “Nkulunkulu, nikeza iMelika omama abanjalo.” Kunjalo. Wakhiqiza uCharles no—noJohn Wesley.

⁴⁸ UCharles wanika izwe amanye amaculo alo eVangeli angcono kunawo onke. Futhi uJohn, o he, wayeyi—isikhuni somlilo ngempela esahlwithwa emlilweni. Kunjalo. Wayeyindoda enkulu kaNkulunkulu kanje pho.

⁴⁹ Manje, kodwa namhlanje ngakho konke ukulungela kwethu kwesimanje, futhi esikhundleni sokufundela abantwana bethu iBhayibheli, sizovula itelevishini futhi sibavumele babuke into ethize engafanele ngisho ukuba bayibuke. Manje, kunjalo. Kunjalo. Futhi enye into, sizobanika lezincwadi ezindala zamahlaya, nezincwadi zezindaba ezincane eziphuma e... enye impahla yesitolo semithi ebingafanele ngisho ithengiswe ukwenza—ukwenza izinkuni zokubasa ngazo, noma umlilo ngazo. Futhi nokho sihlohla lonke lolohlobo lwezinto zehle entanyeni yabantwana bethu. Ngani, umMelika...

⁵⁰ Ngiyakubhejela ukhona, ukuthi cishe wonke umfana eMelika angakutshela ukuthi kwakungubani uDavy Crockett. Kodwa ngiyabona ukuthi akukho nokukodwa kokuthathu kwabo ongakutshela ukuthi Ungubani uJesu Kristu. Kunjalo. O, uLone Ranger, noma umuntu onjalo, noma ingcweti ethile yamabhayisikobho, bazi konke ngakho ngoba kubekwe phambi kwabo.

⁵¹ NeBhayibheli liyiNcwadi echithiweyo futhi nxa kufika umfundisi, bayaYimba bayikhiphe, bese beYisusa uthuli bese beYibeka *kanjalo*. Ayifundwa neze. Esikudingayo namhlanje abanye omama abayifeshini endala abahle ukuba babuyisele abantwana babo emkhulekweni. Lelo yikhambi elihle kunawo onke engilaziyo ukwelapha ubuhlongandlebe bentsha, kunjalo, ngomama abadala abahle abaqotho.

⁵² Ngiyabezwa bekhuluma ngokungakwazi ukufunda nokubhala komama baseKentucky enhla macala onke engxenyeni yezwe lapho sivela khona, phezulu lapho. Manje, bangahle, bebengeke... bangahle bangasazi isandla sokudla nesokunxele kodwa uvumela enye yamantombazane abo ingene ngobusuku obubodwa nezinwele zabo zonke zibheke

ngaphandle ngaphakathi, nezingubo zayo zonke zisusiwe kuyo, nokokugcoba izindebe igcotshwe bonke ubuso bayo futhi kanjalo, nenye encane edakwe uhhafu, ophaphathekile, isimunca sikasikilidi siletha indodakazi yaso ngezikhathi zasemini: Ngiyanitshela, angeke akwazi ukuphuma embhedeni izinyanga ezintathu. Ngizoniqinisekisa nje lokho manje. Yebo, mnumzane. Ukhuluma ngokungafundi, si . . . lokho ngukuthi . . . Sidinga abaningi balabo uhlobo lomama (Yebo, mnumzane, yebo, mnumzane.) oluzo—oluzobuyisa iziyalo.

⁵³ Ekhasya lethu sasineMiyalo eyiShumi, yayilenga phezu komnyango, ihikhori nazo zonke eziyishumi zayo, phandle ekugcineni *kanjalo*. Futhi ngiyanitshela, sineyethu—sineyethu imfundo isuka kulokho. E-hhe. Kunjalo. Ngiyambona ubaba wami, nokho, efinyelela ngale bese ethi, “William . . .”

Bengiyothi, “O, he.” Ngangazi ukuthi yini eyayiza. Kodwa ngi—ngiyajabula ukuthi ukwenzile. Kunjalo.

⁵⁴ UBartimewu wayeyocabanga ngonina omncane oligugu, ukuthi wayevame ukumxoxela izindaba zeBhayibheli kanjani ngalokho iNkosi eyakwenza. Ubeyothi, “Bartimewu, uyazi, thina bantu abangamaJuda, ngokukhetha kukaNkulunkulu, Wasikhetha ukuba sibe ngabantu baKhe ngoba sisiMthanda futhi siMkhonza. Bartimewu, ungaphila uze ube yindoda enkulu ngoluny’usuku. Ngikulindele ukuba ube yinkosi yakwa-Israyeli. Ngi—ngifuna u . . .” Wonke amathemba kamama ngukuthi umntwana wakhe abe yinto ethize enkulu, futhi yilokho afanele abe yikho. Futhi wathi, “Ngikhulekile. Futhi ngi . . . ngenkathi ngazi ukuthi wawuza emhlabeni, ngenkathi uNkulunkulu ekubeka phansi kwenhliziyo yami, awu, ngi—nginikele impilo yakho encane kuNkulunkulu. Futhi niyazi ngifuna nikhonze loNkulunkulu omkhulu. Ngizonitshela ukuthi Mkhulu kangakanani, uBartimewu. Futhi niyazi sasikhuphuka siphuma eGibhithe. Sake saba yizigqila, futhi Wasikhuphula wasikhuphula eGibhithe, ukuthi Waluvula kanjani uLwandle oluBomvu, wondla abantwana bakwa-Israyeli eZulwini ngemana, ephetha inyama, izagwaca zabo, ubanike amanzi eDwaleni ogwadule, nazo zonke izinto ezinkulu Azenzile.”

Futhi, o, amehlo akhe amancane akhanyayo abeyovele nje . . . Wayethi, “O, mama, ngabe lokho, kusalokhu, uJehova omkhulu ephila na?”

“O, yebo, s’thandwa. Usafana nje njengoba Wayelokhu enjalo. Usenguye uJehova.”

⁵⁵ Wayevamise ukuyithanda leyondaba, futhi axoxe ngokuthi a—abantwana bakwa-Israyeli babesebenzisa kanjani . . . wathi, “Khona ezansi lapho ezibukweni elidala, ngolunye usuku omkhulu, uJoshuwa onamandla wawela khona ezansi lapho nabantwana bakwa-Israyeli. Ngasedolobheni nje lapho esiya khona sithole igrosa yethu ezansi lapho eJeriko,

uJoshuwa wawela khona lapho, elikhulu, iqhawe elinamandla, inceku kaNkulunkulu. Ukuthi uMose wama kanjani ngaleya esiqongweni sentaba, wabuka ngale emagagasini adlangayo omfula, nokuthi ongakholwayo wacabanga kanjani, 'Lesi yisikhathi esihle. Siphephile. UNkulunkulu ungunjiniyela ompofu, ukukhetha ngalesisikhathi sonyaka ukuba unqamule.' Kodwa uNkulunkulu ngezinye izikhathi uthatha nje ihora elibi ukwedlula onke ukufakazisa ukuthi UnguNkulunkulu." Yebo, mnumzane. Kubukeka sengathi Wayebathathe ngenkathi umfula . . . wabakhuphula lapho ngenkathi umfula wawuphansi. Qhabo, lokho akusikho. Ufuna nje ukufakazisa kini ukuthi UnguNkulunkulu. U—Uyathanda ukubonakalisa inkazimulo yaKhe.

Futhi o, ngiyakuthanda nje lokho. Ngiyakuthanda nje lokho, ukubona nokwazi ukuthi UnguNkulunkulu.

⁵⁶ Khona-ke enye yezindaba uBartimewu omncane ayeyithanda kakhulu kwakuyindaba yowesifazane waseShunemi, ngoba yayinomfanyana kuyo, niyazi. Kukhona umfana omncane phakathi lapho o . . . Futhi wayexoxa ngalowo omkhulu, umprofethi onamandla u-Elisha, ukuthi uNkulunkulu wamenza kanjani omkhulu kangaka, umprofethi onamandla. Wayehlala phandle ehlane futhi engenazo izingubo eziningi, futhi wazisonga ngesiqephu sesikhumba, no—nokuthi wayemkhulu kanjani, indoda kaNkulunkulu enamandla nokho. Waphila ngaphansi kogcobo lukaNkulunkulu. Futhi wayedlula emzini othile, futhi kwakukhona owesifazane waseShunemi lapho. Futhi wayengowesifazane onomusa, futhi wayemthanda uNkulunkulu futhi. Nakuba engoweZizwe, wa—wayemthanda uNkulunkulu.

⁵⁷ Futhi ngingasho ukuthi angahle ukuba wathi kuBartimewu, "Uyazi, Bartimewu, sikhethwe nguNkulunkulu kodwa ngoluny'usuku kuyobakhona uMesiya omkhulu ofikayo. Futhi lapho Eyo . . . lapho Efika, Uyoba nguYe oyobiza zonke izizwe, ngoba lona wesifazane waseShunemi . . . UNkulunkulu uthandeka kubo bonke labo abayothandeka. Ufuna ukuza futhi asize labo ofuna ukusizwa.

⁵⁸ "Futhi uBartimewu, lona wesifazane omkhulu, wayeyoyibona lendoda engcwele idlula emzini. Ngakho wayefuna ukukhombisa umusa othize kuye, ngoba wayemthanda uNkulunkulu, futhi wayazi ukuthi lena kwakuyinceku yaKhe, futhi wayefuna ukumsiza futhi amenzele okuthile. Ngakho wayeyo—wayembona eza, futhi wayephuma futhi amncenge ukuba angene futhi—futhi ahlale nabo. Ngakho umyeni wakhe wayengumuntu ocebile. Ngakho ngoluny'usuku wathi kumyeni wakhe, 'Uyazi, s'thandwa, lendoda enkulu engcwele kaNkulunkulu iza ngapha, futhi yenyukela lapho emgedeni lapho ihlala khona, phezulu eNtabeni iKameli. Ngakho njengoba yedlula lapha, ngikholwa ukuthi bekungaba

kuhle uma simakhela ikamelo elincane nje eceleni kwendlu yethu. Ngikholwa ukuthi lokho bekungaba kuhle ngempela uma besingenza lokho, ngoba sobabili siyakholelwa kuNkulunkulu, futhi UnguNkulunkulu, futhi lowo ngummeleli kaNkulunkulu. Lolo wuhlelo oluphakeme kunazo zonke emhlabeni manje lukaNkulunkulu lungomele Yena.’

“Ngakho umyeni wathi, ‘Ngicabanga ukuthi lokho kuzoba kuhle.’ Ngakho bakha indlu encane lapho.

⁵⁹ “Futhi ngolunye usuku ngenkathi u-Elisha noGehazi, inceku yakhe—yakhe, bafika futhi balibona lelikamelo elincane elakhelwe phezu kwalapho futhi bangena. Babenombede omncane omuhle lapho, ne—nesihlalo esincane namanzi nakho konke. Ngakho wathi, ‘Hamba ubuze kulomShunemi ukuthi ngingamenzelani. Ubenomusa kakhulu kithi; mhlawumbe singabuyisela u—umusa. Mhlawumbe ubengafuna ngikhulume nenkosi, noma mhlawumbe angafuna ngikhulume nenduna enkulu noma omunye umuntu.’

⁶⁰ “Kodwa uyazi, Bartimewu, ukuthi lowo wesifazane, akacelanga lutho. Kodwa ngenkathi uGehazi esebuya, wathi, ‘Ngiyakutshela, u-Elisha, umprofethi omkhulu kaNkulunkulu, owesifazane uyinyumba. Akanabantwana. Akakaze abe nabantwana.’”

⁶¹ Futhi uthi, “Bartimewu, uyazi noma yimuphi umama ufuna omncane, umfanyana onomoya omuhle njengoba unjalo. Niyabo? Yingalesosizathu uJehova emuhle kakhulu kimi ukukunika . . . ukungika umfana omncane onjengawe. Nalowomama ompofu wayefuna umfana omncane njengawe.

⁶² “Ngakho u-Elisha wathi, ‘Hamba, umtshele ukuba eze ame phambi kwami.’ Futhi ngakho, akungabazeki kodwa u-Elisha waba nombono wokuthi akenzeni. Ngakho-ke ngenkathi owesifazane engena, wathi, ‘Ngokwesikhathi sokuphila, uzozala indodana.’ Futhi waphuma. Futhi uyazi ukuthini, Bartimewu na? Lowomama wemukela umfanyana onomoya omuhle, umfana omncane nje weZizwe, njengoba nje ungumfana omncane oyiJuda. Ukuthi lowomama wayemthanda kanjani lowomfanyana. Ufanele ukuthi wayecabanga kanjani ukuthi wayeyinto encane enomoya omuhle kunabo bonke.

⁶³ “Futhi lapho eseneminyaka ethi ayibe yishumi nanye ubudala, ngolunye usuku wahamba nobaba wakhe phandle ensimini uku—ukuyovuna. Futhi ngikholwa ukuthi kufanele ukuthi washaywa yilanga ngoba uqala ukuthi, ‘Ikhanda lami, ikhanda lami.’ Waya ngokuya egula futhi egula.

⁶⁴ “Ngakho ubaba ematasatasa ngempela nezandla eziqashiwe, wayenenceku ukuba imngenise umfo omncane, futhi yamlalisa emathangeni kanina. Yamgcina emathangeni kwaze kwaba semini, nokuphefumula konke kwaphuma kuye nomfanyana bandla wafa. Manje, kodwa uBartimewu, ngifuna

niqaphele ukuthi lona wesifazane weZizwe, manje, ukuthi wenzani. Wamthatha wamngeniswa wayesehlalisa embhedeni womprofethi.”

⁶⁵ Manje, kukhona isambulo esimangalisayo. Niyabo? Akazange amyise embhedeni wakhe uqobo; futhi akamyisa embhedeni wakhe owesifazane, noma embhedeni kayise. Wamthatha wayesehlalisa embhedeni womprofethi ekamelweni lapho umprofethi ayelele khona.

⁶⁶ “Wayesethi-ke kumyeni wakhe, ‘Bophela umnyuzi; futhi wena ungiqhubekela manje,’ watshele inceku, ‘futhi ungami. Uma noma ubani ekubingelela, ungabaphenduli, kodwa yana ngqo kumuntu kaNkulunkulu phezu eNtabeni iKameli.’

“‘Manje,’ wathi, ‘Manje,’ umyeni wakhe wathi, ‘akusikho ukwethwasa kwenyanga, noma akusilo iSabatha, ukuze umuntu kaNkulunkulu angabi lapho.’

“Wathi, ‘Konke kuzohamba kahle.’”

Ngiyakuthanda lokho, lapho unalokho kubambelela ngempela ekukholweni, a-hha, hlala kulokho. Leso yisifundo esihle senu nonke nina boBartimewu abancane manje. Bukani.

⁶⁷ “Futhi khona-ke wathi, ‘Hamba! Hamba uye phambili, ungami ngokubiza komphakathi nezinto. Hamba uye phambili nje; qhubeka nje uhamba. Ungami ngize ngikutshela ukuthi ume.’ Futhi kusobala, ngenkathi esondela eNtabeni iKameli, ngenkathi umprofethi . . .”

Niyazi, uNkulunkulu akembuli yonke into kubaprofethi baKhe. Sonke siyakwazi lokho. Wembula nje kubaprofethi baKhe lokho Afuna bakwazi.

⁶⁸ “Futhi manje lapho esesondele, u-Elisha waphuma, mhlawumbe esemdala futhi mhlawumbe efiphele kancane emehlweni. Waphakamisa izandla zakhe wayesethi, ‘Nangu eza lowomShunemi, futhi ubukeka sengathi ukhathazekile. Kodwa uNkulunkulu ungifihlele khona.’ Ngakho wathi kuGehazi, ‘Phuma umbize.’ Kodwa wayehamba ngesivini impela. Lapho efika lapho wampongoloza, ‘Kusahamba kahle ngawe na? Kusahamba kahle ngendoda yakho na? Kusahamba kahle ngomntwana wakho na?’

“Futhi bhekisisani ukuthi lowo wesifazane wathini. ‘Konke kuhamba kahle.’”

Amen. Niyabo, wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekulowomprofethi. Kunjalo. Wayazi ukuthi lolo kwakuluhlelo oluphakeme kunazo zonke uNkulunkulu ayenalo ngalolosuku.

⁶⁹ Ngicabanga ukuthi yilapho uMarta athola khona umqondo; ufanele ukuthi wayifunda leyondaba. Ngenkathi umfowabo uLazaru efa, wazi ukuthi uma uNkulunkulu wayekulowomprofethi, uNkulunkulu ngempela

wayeseNdodaneni yaKhe. Kunjalo. Ngakho waya kuYe wayesethi, “Nkosi, uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga. Kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika khona.” Ngiyakuthanda lokho. Ngiyakuthanda lokho. Niyabo, lokho kwaMethusa. Niyabo, “Nakalokhu Ongakucela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika khona.”

⁷⁰ Lomfana omncane ohlezi lapha nalolunyawo olugayiwe, omunye umfo osemncane ohlezi ngapha; ngibabonile bobabili bememeza izolo ebusuku. Kufanele kube ngabafana bePentecostal, kufanele babe noNkulunkulu enhliziyweni yabo. Wena uthi, “Mfowethu Branham, mhlawumbe angiphinde ngihambe futhi. Udokotela uthi angeke.” Lona ngapha onenkathazo yenhliziyu, lona nanoma *yini-eyiyo*; noma ngabe inkathazo yakho iyini, uthi, “Awu, udokotela uthi angeke. Angisoze ngakwazi ukudlula kulokhu. Nginomdlavuzo. Nginethumba. Nginokuthi-nokuthi.”

⁷¹ “Kodwa nakalokhu, Nkosi, noma yini Oyicela kuBaba, UzoKunika khona.” Yilokho-ke. “Nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika khona.” Lokho kufanele ukuthi kwakulapho uMarta athola khona leyondaba.

⁷² “Owesifazane waseShunemi wathi, ‘Konke kuhamba kahle.’ Manje, wayengabuzeli umfana, kodwa wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ngalomprofethi ukumtshela ukuthi kungani Athatha umfana nalokho kwakuzomenelisa. Uma wayengasho ukuthi kungani Ethathe umfana, yonke into yayilungile. Ngakho wayephambi komele uNkulunkulu, futhi zonke izinto zazihamba kahle.”

⁷³ Sengathi ngiyabona amehlo kaBartimewu omncane ayengakhanya nje. “Mama, mama, shesha. Ngitshela ukuthi kwenzekani.” Niyabo, abafana abancane bayashesha. Bafuna ukuthola ukuthi ukuphela kuyini.

⁷⁴ “Awu, umprofethi omkhulu, emva kokuba esembulile kuye futhi waxoxa indaba yakhe—yakhe, lokho umfana omncane ayefile futhi wayelele ekamelweni, manje umprofethi wathi encekwini yakhe, “Thatha udondolo lwami futhi uhambe ulubeke phezu komntwana.”

Manje, ngiyacabanga, futhi eTestamenteni eLisha, yilapho uPawulu athola khona umqondo wokuthatha amaduku nezindwangu emzimbeni wakhe.

⁷⁵ “Manje, u-Elisha wayazi ukuthi yonke into ayeyithinta yayibusisiwe, kodwa uma engathola owesifazane ukuba akukholwe, kwakuyilokho kuphela. Uma engathola owesifazane ukuba akholwe into efanayo, isimangaliso sasiyokwenzeka ngokufanayo nje njengakuqala, ukuba owesifazane wayeyoba

nokukholwa kulokho u-Elisha amtshela ukuba akwenze. Kodwa ukukholwa kowesifazane kwakungekho odondolweni.”

⁷⁶ Manje, ngithi ukuyithanda indlela akusho ngayo, empeleni. “Wathi, ‘Kuphila kweNkosi nomphefumulo wakho ongafi, angizukukushiya.’” Ngiyakuthanda lokho: ezimisele ukubambelela. Yilokho-ke.

⁷⁷ Uma uqala ngoNkulunkulu, bambelela kuze kufike uMoya oNgewele, kuze kwenzeke yonke into oyicelile. Ungakuyeki nje. “AngiyikuKushiya. Ngisezandleni zaKho, Nkosi, uze Ungiphendule.” Yileyondlela yokukwenza.

⁷⁸ Niyazi, uJesu wakufundisa kanjalo. Wathi umahluleli ongalungile, niyazi, ukuthi u—u—wayengeke aphindisele kanjani umfelokazi wesitha sakhe. Kodwa wathi, “Ukuze ngimsuse ezandleni zami ngizoqhubeka futhi ngimphindisele ezitheni zakhe. Awu, khona-ke uBaba wakho waseZulwini onomusa uyovuma kakhulu kangakanani ukukunika.” Kodwa manje hhayi. . .

Wathi, “Funani futhi niyakufumana; ngqongqothani futhi kuzovulwa. . .” Manje. . . “Futhi celani.”

Manje, uma niqaphela, akusikho nje [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kanye—Umhl.] “Nkosi, ngiyakufuna.”

⁷⁹ “Ocelayo, uyafuna.” Qhubeka ufuna, qhubeka ungqongqotha, qhubeka nje, uqhubeke, usufikile lapho, ngakho qhubeka nje ungqongqotha kuze kwenzeke. “Ngiyakukholwa, Nkosi. Ngi—ngisezandleni zaKho. Ngisezandleni zaKho.”

Ngiyakhumbula iNkosi yangiphulukisa enkathazweni yesisu. Udeveli wathi, “A—awukaphulukiswa.”

⁸⁰ Ngathi, “Nje namathela, ngilalele ngifakaza-ke, uma u—ufuna ukukulalela. Uma ufuna ukuzwa uNkulunkulu edunyiswa, namathela nje futhi ungilalele isikhashana.” Wakhathala wayesehamba. Ngakho u—uzokwenza.

⁸¹ Ngolunye usuku wazama ukungithelela ngomkhuhlane omubi. Wanginika wona, futhi ngiwubuyisela kuye. Wanginika futhi. Ngiwubuyisela kuye futhi. Futhi sakulwela nje izinsuku ezintathu noma ezine, futhi ekugcineni kwahamba. Ngakho nakho lapho okhona. Niyabo? Ulokhu nje ukubuyisela kuye. Ungakwemukeli nje, thatha, ukubuyisele kuye. Kubuyisele kuye. Yileyondlela yokukwenza. Zimisele nje. Bambelela.

Yileyondlela enza ngayo.

⁸² “Wathi, ‘Kuphila kweNkosi nomphefumulo wakho ongafi. . .’ Manje, niyabo, wayekholwa ukuthi wayenomphefumulo ongayikufa. Niyabo? ‘Kuphila kweNkosi nomphefumulo wakho uphila,’ niyabo, ‘angizukukushiya. Ngizohlala nawe ngize ngithole ukuthi kwenzekeni.’ Ngakho akakwazanga ukumsusa eha-. . .ezandleni zakhe. Ngakho wadingeka nje abophe izinkalo zakhe, futhi nangu ehamba.

⁸³ “Ngiyaqaphela ngenkathi engena ekamelweni, bukani ukuthi lowomprofethi wayezomelana nani. Wayengazi ukuthi iNkosi yayizokwenzani. Kwakukhona ubaba, ememeza ngephimbo lakhe lonke, bonke abantu ngakomakhelwane bedazuluka. Lowomfana okahle omncane walomndeni othandekayo wayefile, elele ekamelweni, lonke ithemba lingasekho.”

⁸⁴ Manje, wenzani u-Elisha na? Njengoba kwenza uJesu nje, wabakhipha bonke endlini; wasuka lapho okwakukhona, njengoba uJesu enza ngenkathi indodakazi kaJayiru isifile. Futhi bhekisisani ukuthi umprofethi wenzani, wayengadingekile ukuba aphume futhi afune futhi akhuleke, futhi akhuleke aqede futhi azilungiselele. Qhabo, ngi—ngikholwa ukuthi sifanele sihlale sikhuleke siqede ngaso sonke isikhathi, anicabangi kanjalo na?

⁸⁵ Lapha esikhathini esingeside esedlule kwakukhona owesifazane omncane ongumIrishi eza ngomkhumbi, basho. Futhi cishe amashumi amathathu, amamayela angamashumi amane phandle, ndawondawo ngaphandle kwe—kwechweba laseNew York, nakho kufika isiphepho esesabekayo. Nomkhumbi omncane awucabanganga ukuthi babengaphumelela. Bathumela iSOS. Futhi ngakho babatshela ukuthi isiphepho sasiya ngokuba sibi kakhulu. Uma bebenga—uma bebengangena esiphephweni imizuzu engamashumi amathathu, bebeyofika e—e—echwebeni, kodwa uma bengakwazanga, bebeyoba phansi ekugcineni kolwandle. Ngakho wonke umculo we-jezi wama futhi uqala ukukhuleka, udlala elithi *Eduze, Nkulunkulu Wami KuWe*, kanjalonjalo. Kodwa wonke lona wesifazane omncane ongumIrishi, wayehla enyuka kwiphansi edazuluka futhi ememeza. “Haleluya! Haleluya! Haleluya!” washo.

Induna yathi, “Ungiqondile na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane. Ngikuqondile.”

Wathi, “Awu, awukhuleki ngani na?”

⁸⁶ Wathi, “Sengivele ngikhulekile ngaqeda.” Ngakho lokho—yilokho-ke, khuleka uqede, ulungele. Yileyondlela esifanele sikwenze ngayo. Futhi wathi, “Ngijabula kakhulu.” Futhi waqala ukumemeza futhi.

Induna yathi, “Umemezela ini na?”

Wathi, “Uthe uma sibambe imizuzu engamashumi amathathu siyoba seNew York. Uma singakwenzanga besiyoba phansi ekugcineni kolwandle.”

Yathi, “Kunjalo.”

⁸⁷ Wathi, “Ngisendleleni yami ngisuka e-Ireland ukuyobona indodakazi yami eNew York. Nginoyedwa eNkazimulweni. Futhi emizuzwini engamashumi amathathu kusukela manje

ngizobona omunye wabo.” Ngakho lokho ngukuthi, uma umkhumbi wehlile, yena wenyuka, waya lapho. Ngakho-ke yilokho-ke. Awukwazi ukulahlekelwa. Niyabo? Ngakho wayememeza nje noma kanjani. Wayazi ukuthi emizuzwini engamashumi amathathu wayezobona omunye wabathandekayo bakhe. O, yilokho-ke. Khulekani niqede.

⁸⁸ “Elisha omdala, ngenkathi engena e—emkhunjini, noma, wafika emsamo wendawo encane lapho ayemakhele khona, wa...waya emuva naphambili enqamula kwiphansi. Futhi wahamba waya le nale, iBhayibheli lasho, ekamelweni. Kwase kuthi-ke emva kokuba esezwe uMoya ufika phezu kwakhe, wahamba wayesezibeka phezu kwengane, futhi nje walala lapho nenyama yakhe phezu kwengane. Futhi khona-ke wezwa ukuthi ingane yayithola ukufudumala, ngakho-ke wasukuma, wahamba waya emuva naphambili futhi edabula ekamelweni eya emuva naphambili. Uyabuya wayesezibeka phezu kwengane futhi, futhi yathimula kasikhombisa futhi yaphila. Wacosha ingane wayesethi, ‘Bizani umShunemi.’”

Futhi, o, ukuthi uBartimewu omncane wayekuthanda kanjani lokho.

⁸⁹ Uqala ukucabanga, “O, ngenkathi ngangivamise ukuzwa umama exoxa lezozindaba.” Cishe ngalesosikhathi wezwa into ethize ichofoza, yomnyuzi omncane uza. Kufanele kube uhlobo lwesicebi, ngoba iningi lohambo lwaluhanjwa ngezinyawo noma nge...Abantu abacebile babegibele imbongolo, futhi ibutho lalisebenzisa izinqola. Futhi ngakho wa—wathi, “Lona kufanele kube yindoda ecebile efika emva kwesikhathi.” Ngakho wasukuma, walahla ingubo yakhe eceleni, wagijima waphuma wayesethi, “Izipho zempumputhe; izipho zezimpumputhe, ngiyacela.”

⁹⁰ Nomnyuzi omncane wama, futhi wezwa iphimbo elinesihluku ngempela lithi, “Suka endleleni yami, sinxibi. Ngiyinhloko yenhlangano yabefundisi baseJerusalem. Bangitshela ukuthi kuzobakhona i...Ngiyinceku yeNkosi. Bangitshela ukuthi banomunye walaba lapha ababizwa ngabaprofethi bengena ezansi lapha namhlanje, ubona imibono kanjalonjalo. Bazoba nenkonzo yokuphulukisa. Ngizoqoqa wonke umkhandlu phansi lapha namhlanje. Ngifanele ngiqoqe lababefundisi ndawonye ukubona ukuthi asizukuba nalutho lwalowombhedo ngapha. Suka endleleni yami, ngisendleleni yeNkosi.” Kwehla ngomgwaqo imbongolo encane.

Futhi ngakho uBartimewu wacabanga, “Awu, futhi leyo yinceku yeNkosi.”

⁹¹ Awu, wahamba indlela yakhe ebuyela emuva ezama ukuthola ukuthi idwala lalukuphi. Ekugcineni ngenkathi ethola idwala, ilanga lase lihambile kancanyana futhi lathi ukubanda. Amathunzi odonga ayephezu kwedwala,

ngakho-ke waqhubekela phambili kancane, futhi wathi, “Awu, ngiqagele anginalo uhlamvu lwemali losuku. Ngakho mhlawumbe ngizovele nje—nje ngilinde isikhashana, futhi mhlawumbe ngizohlala phansi futhi. Mhlawumbe ngizoqhubeka nokuphupha kwami emini ngisengumfanyana.”

⁹² Wase-ke ekhumbula, futhi, ukuthi unina wamtshela, ukuthi eminyakeni eyedlula, ukuthi lowomprofethi omkhulu u-Eliya no-Elisha, lowo owathatha indawo yakhe, amadoda amabili anamandla kaNkulunkulu, ehla ngqo ngalowomgwaqo owenziwe ngamatshe, bebambene ngezingalo omunye nomunye, behlela eJordani ukuyovula iJordani. O, he. Edlula ngqo phakathi kwamafidi angamashumi amathathu ukusuka lapho ayehlezi khona.

⁹³ Kodwa maye, umprihi wamtshela, “Zonke izinsuku zezimangaliso selwedlule. UJehova akasabaphulukisi abantu, uyazi.” Lowomoya awuzange uphele. Ngakho bona, ukuthi: “O, uJehova akasazenzi lezozinto. Sifanele nje siphile kahle, futhi—futhi sikhokhe okweshumi kwethu, futhi siye ebandleni futhi... kuyo yonke imihlangano, bese kuthi-ke yilokho kuphela esifanele sikwenze. Kodwa uJehova akaphulukisi. Wa—WayenguJehova emuva lapho, kodwa namhlanje Aka—Akakukhathalele.”

⁹⁴ O, iphutha elinje pho. Uhlale eshisekela. Uma Wake washisekela, Usashisekela. Yebo, mnumzane. Angeguquke izinjongo zaKhe. Angeguqule isimo saKhe sokuziphatha. Usenguye uJehova. Angikhathali ukuthi bangaki othi Uguqukile. Abantu baKhe useguqukile, kodwa Akakaguquki. Isizathu sokuthi singaMboni enza lezozinto yingoba ngeke siMvumele akwenze. Uyavuma.

⁹⁵ Sicabanga ukuthi sizo—sizoqeda izibusiso zaKhe zokuphana. Siyacabanga, “Awu, ngacela uNkulunkulu ukuba angiphe isinkwa sami semihla ngemihla. Bengingafanele ngiMcele izinto eziningi kakhulu.” O, he.

⁹⁶ Ungathini nje na? inhlanzi encane ethi ayibe yinde *kangako*, phandle le maphakathi nalolulwandlekazi, ithi, “Awulinde, kungcono ngiphuze lamanzi ngokuwonga. Ngingahle ngiphelelwe ngelinye ilanga.”

⁹⁷ Ungathini nje na? igundane elincane elicishe libe likhulu *kangako* phansi kwezinqolobane ezinkulu zaseGibhithe, lithi, “Kungcono ngizibekela uhhafu wohlamvu lukakolo ngosuku. Ngingahle ngiphelelwe ngaphambi kokuvuna okulandelayo.” He. Awu, lokho bekunga... Nje phinda lokho ngezigidigidikazi eziyikhulu, futhi u—uzama ukuqeda ukulunga nesihawu sikaNkulunkulu.

⁹⁸ Uzama ukuphoqa indlela yaKhe angene kuwe, konke Angakwenza. “Celani kuvame ukuba ukuthokoza kwenu kugcwale.” Ufuna abantu baKhe bajabule, becela izinto

ezinkulu, bekholelwa izinto ezinkulu. Niyidolobha elihlezi egqumeni, ukulangazelela okukhulu, amathemba. Awu, umusa, uma sibona impumputhe yemukela ukubona kwayo kulobubusuku, ngifuna ukubona abafileyo bevuswa kusasa ebusuku. Yebo, mnumzane. Futhi ngifuna uku. . . Ngi—ngilokhu ngiqhubeka nje ngikholelwa ezintweni ezinkulu kakhulu.

⁹⁹ Ngenkathi ibandla liqala ukwemukela uMoya oNgcwele futhi likhulume ngezilimi, kungani nahlala phansi kulokho na? He, qhubeka nje uqhubeke. Qhubeka uye ezweni lesithembiso. Sisendleleni yethu ebheke ezweni lesithembiso. Impela, ungathathi nje into eyodwa. Uthi, “Awu, sizovele nje. . . Ngabe ukhulumile ngezilimi na? Awu, awunaso isibusiso esikhulu uze uthole. . .” Awu, ubufanele ube amamayela ayisigidi phezu emgwaqeni ukusuka kulokho khona manje, impela, izinto ezinkulu kakhulu; amathemba amakhulu. Impela.

¹⁰⁰ Manje, siyathola manje ukuthi uBartimewu wayetsheliwe ukuthi izinsuku zezimangaliso zase zedlule. Ngakho wathi, “Manje, ukuba-ke bengihlezi lapha, esikhundleni sokuzwa leyondoda ebizibiza, namuhla, inceku kaNkulunkulu. . . Futhi kwakuyini leyo ayishilo na? Wayehla ukuyobona mayelana nokuthile kwani na? Ngiyamangala ukuthi kwenzekani ezansi edolobheni. Awu, empeleni, izinsuku zezimangaliso selwedlule. Futhi yilolohlobo lwezinceku uJehova analo namhlanje na? Kwehluke kakhulu kulowo u-Eliya ayenguye, no-Elisha.

¹⁰¹ “Manje, ukuba ngangikade ngihlezi phezu kwalelidwala, ngenkathi u-Eliya no-Elisha bedlula ezansi ngalapho, behlela eJordani. . . Futhi hhayi kodwa nje isiqephu esincane ngezansi lapho ngihlezi khona lowomprofethi omkhulu wakhumula ibhantshi lakhe, ingubo yakhe, wayisonga ndawonye futhi washaya iJordani, futhi lwadeda (Amen.), amakhulu eminyaka emva kokuba uJoshuwa wayenze into efanayo.” Amen. Lokho kwakhombisa ukuthi uJehova wayesalokhu efana inqobo nje uma Engathola umuntu othize ukuba akholwe ukuthi Usenguye. Yebo.

¹⁰² Kwase kuthi emva kokuba esefike ngakolunye uhlangothi, manje wayesekhandlekile. Wayeqophisane noJezibele nabo waze wa. . . ngokupenda kwakhe futhi eqhubeka, waze wakhathala, wayeya eKhaya. Futhi ngakho umprofethi osemncane wayethathe indawo yakhe. Ngakho wayazi nje ngaphesheya komfula kwakukhona inqola ehukwe esihlahleni esithile laphaya ndawondawo, futhi wa—wayezogibela kancane aye eKhaya. Niyabo? Kodwa umprofethi osemncane wayebheke inkonzo yakhe entsha, ebona ukuthi lona omdala wayenzani, ngakho uyazi ukuthi wayefanele athathe indawo yakhe. Ngakho umprofethi osemncane wabamba umbono wakhe, futhi wambona enyuka, wabamba ingubo yakhe wabuyela emuva wehla, wacoshisa ingubo efanayo futhi washaya iJordani, wathi,

“Uphi uNkulunkulu ka-Eliya na?” O, he. Futhi yavula futhi. Kunjalo.

Uphi uNkulunkulu wePhentekoste na? Uphi uNkulunkulu owayekuJesu Kristu na? Yini indaba ngenkonzo namhlanje emabandleni na?

¹⁰³ Ngiqagele nisifundile lesosiqephu ephepheni abasanda kungithumelela sona. Omunye ovela ebandleni lapha usithumele kimi, lapho lomfundisi we-Episcopalian enhla lapha wathi ukuzala kwentombi kwakuyingane kwane kuphela, futhi yayingekho into okuthiwa yinsimu yase-Edene, nazo zonke lezozinto kanjalo. Leyondoda ayisiyo eyasepulpiti. Qhabo, mnumzane! Yileyo indaba ngakho namhlanje. Yilokho oku... Thatha abantu abakhulu abafundile kanjalo basukume, futhi bathola imfundo eningi kakhulu abanaso isibindi esenele ukwazi ukuthi ibanjwa kanjani. Yilokho kuphela.

¹⁰⁴ Esikudingayo namhlanje... UPawulu wathi, “Angikaze ngize kini ngokuhle kakhulu kwezwi noma ngemfundo. Ngiza kini ngobulula ngamandla nezibonakaliso zikaMoya oNgwele, ukuze ukukholwa kwenu kube ngukuphumula phezu kokuvuka namandla kaNkulunkulu, futhi hhayi ngamazwi athize abushellezi,” noma into ethize yokuthize okubizwa ngombhishobhi, noma okuthize.

¹⁰⁵ Manje, sithola ukuthi kamuvanyana nje, njengoba uBartimewu ehlezi lapho isikhashanyana, ezibuza ukuthi kuyokwenzekani. Wayesekukhumbula-ke lokho, futhi, ngezansi nje kwalapho, hhayi amayadi angamakhulu amahlanu ukusuka lapho ayehlezi khona, lowoJoshuwa omkhulu, o, he, leyonceku enkulu kaNkulunkulu eyathatha indawo kaMose, ewela uLwandle oluBomvu, futhi iwela, futhi kwakunababili kuphela beqembu elidala ehlane emuva lapho abakholwa ukuthi babengathatha izwe. Babuka iZwi likaNkulunkulu. Balikholwa iZwi likaNkulunkulu.

¹⁰⁶ Abayisishiyagalolunye babo bathi, “O, asikwazi ukulithatha. Sibukeka njengezintethe phezulu ohlangothini lwabo. Imizi yonke ibiyelwe ngezingange. Kuyinto engenakwenzeka ukukwenza.”

Kodwa hhayi lowomfo, qhabo, mnumzane, mfowethu, wathi, “Sinamandla kakhulu ukulithatha.”

¹⁰⁷ Ngani na? Kuya ngokuthi ubukani. Uma ubuka isandla sakho esikhubazekile, nje, sisazohlala singaleyondlela. Uma ubuka ithumba lakho, liyohlala lingaleyondlela. Ungakubheki lokho. Buka isithembiso sikaNkulunkulu. Kuya ngokuthi ubukani. AmaKristu abuka okungabonwayo. U-Abrahama wabiza izinto ezazingekho ngokungathi zazikhona, ngoba uNkulunkulu wathi zazikhona. Yileyondlela amaKristu angempela enza ngayo. Akunandaba ukuthi izwe lithini, ukuthi libukeka kanjani, lokho akuhlangene ngalutho nakho.

Kuyilokho uNkulunkulu akusho ngakho yilokho okukwenzayo. Yebo. Okwakuyikho. . .

¹⁰⁸ UNkulunkulu wabatshela le ezansi eGibhithe, “Ngininika lelozwe.” Kodwa Akazange athi, “Ngizophumela lapho futhi ngikushanele konke, futhi ngihlobise izindlu, futhi ngilengise amakhethini, nakho konke. Ngenani nonke nje.” Qhabo, qhabo. Babefanele balwele onke ama intshi omhlabathi ababewuthatha. Kunjalo, ukulwa, futhi sikuthathe ngakho konke. . . kulwa ngama intshi onke. Kodwa Wathi, “Yonke indawo amathe onyawo lwakho ehlela khona, lelo yifa.” Izinyathelo ziyifa.

¹⁰⁹ Leyo yinto efanayo namhlanje. Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungokwethu. UMoya oNgcwele ungowethu. Yimpahla yethu, kodwa uyolwa lonke i-intshi lakho. Yebo, mnumzane. Kodwa mfowethu, izinyathelo ziyifa. Qhubeka nokulwa nje. Kuthathe. Udeveli uthi, “Izinsuku zezimangaliso zedlule.”

¹¹⁰ Uthi, “Uqamba amanga. UNkulunkulu wathi Unguye izolo, namuhla, naphakade.” Kwengamele. Nomaphi lapho unyawo lwakho lunyathela khona, lokho kuyifa. Kunjalo.

¹¹¹ UJoshuwa uza ngqo ngaphesheya komfula kanye nabo, bakhempa phandle lapho. O, uBartimewu oyimpumpu the wathi, “Ukuba-ke ngangiphile ngalolosuku na? Ngani, kwathi nje ngingabona labobapristi behamba, noJoshuwa naleyonkemba phezulu emoyeni, ehamba enqamula, ngani, ngangiyokwehlela lapho ngase ngithi, ‘Joshuwa omkhulu, ngikhulekele.’ Futhi ngikhulwa ukuthi bengiyobona, leyondoda enkulu ibiyongikhulekela. Impela. Kodwa maye, uJoshuwa usehambile, noNkulunkulu, ngiqagele, usehambile. Zonke izinsuku zezimangaliso selwedlule, kusho umpristi wethu. Ngakho ngiqagele nje akunathemba. Akukho engingakwenza; ngakho, engenathemba.”

¹¹² Wayesethi-ke, “Uyazi ukuthini? Emva kokuzungeza izingange zaseJerusalema izinsuku eziningi, ngolunye usuku uJoshuwa, leloqhawe elikhulu, wayethatha uhambo oluncane ephuma ngenye intambama, etadisha isu lokuthi zithathwa kanjani lezozindonga zaseJeriko, ukuthi wayezokwenza kanjani. Wabona lowomushwe obomvu ulenga phansi kukaRahabi. Wayezoyisindisa leyondlu, eyibhekisisa. Futhi khona manjalo wabuka, emi phandle lapho phambi kwakhe, nakho kumi enye iNdoda nenkemba yaYo ihoshiwe. UJoshuwa wahosha inkemba yakhe, futhi wagijima ukuyoYihlangabeza, waYiphonsela inselelo empini yababili. Wathi, ‘Ngabe Ungakithi, noma Ungowesitha sethu na?’

¹¹³ “Wathi, ‘Ngiyinduna yebandla leNkosi. NgiyiNduna yeNkosi yebandla laYo.’ UJoshuwa waphonsa phansi inkemba yakhe,

wakhumula isigqoko sakhe esiyivikelo, wayesewela ezinyaweni zaKhe.”

114 Impumputhe uBartimewu wayeyothi, “O, ukuba ngangiphile ngalolosuku, Ngangiyogijimela kuleyoNduna yebandla leNkosi, futhi ngangiyokhuluma naYo.”

115 Yayingazi ukuthi leyoNduna efanayo yayingekude ngamayadi ayikhulu ukusuka kuyo, iza ngqo emzini ngaleyonkathi, iNduna yebandla leNkosi endleleni yaYo edabula emzini.

116 Niyazi, kungenkathi siqala ukucabanga ngaYe, yilapho Ebonakala khona. Kungenkathi uKleyophase nabo babecabanga ngaYe, ngenkathi Ebonakala. Kuhlala njalo lapho. . . “Makuthi ukuzindla kwenhliziyo yami futhi—futhi makuthi yonke imicabango yami, futhi makuthi onke amaculo ami, makuthi konke lokho engiyikho nje kuzindle ngaWe, Nkosi, imini nobusuku.” Yileyondlela yokusondeza uNkulunkulu kuwe.

117 Yeka ukucabanga ngalokho okwenziwa abakwaJones, nokuthi uzokwenzani ngeviki elizayo, nayo yonke lento. Gcina nje. . . nje ake. . . “Gwalisa indlela yami nsuku zonke ngothando njengoba ngihamba neJuba laseZulwini. Mangihambe sonke isikhathi neculo nokumamatheka. Gwalisa indlela yami nsuku zonke ngothando.” Kunjalo.

118 Qhubeka ngqo wehle ngomgwaqo kungakhathaleki ukuthi yini; isikole siyagcina, noma qha. Uma kungakwenzi, sixosha uthisha, futhi nje siqhubeke ngqo sikholwa eNkosini. Niyabo? Gcina izizindlo phezu kukaNkulunkulu. Cabanga ngalezizinto. IBhayibheli lathi, “Uma kukhona ukudunyiswa, uma kukhona okuhle, zindlani ngalezizinto.”

119 Awu, imicabango yethu ihlala njalo ingephikisayo. Singena emgqeni womkhuleko. . . Ngियाqaphela bangena emgqeni womkhuleko, “O, uma—uma—uma ezongitshela. . . Ngabe yilokhu na?” O he, awukaze uthole lutho olunjalo. Qhabo. Ungophikisayo kakhulu kwasekuqaleni nje.

120 Woza kanjalo: “Woza emthonjeni ogewaliswe ngeGazi elidonswe emithanjeni ka-Emanuweli, lapho izoni zibhukuda khona ngaphansi kwethantala lilahla lonke ibala lazo lecala.” Yilokho-ke. Woza nokukholwa ukholwa. “Oza kuNkulunkulu ufanele akholwe ukuthi Ukhona, noMvuzi walabo abaMfunisisayo.”

121 Angizukudlula emgqeni womkhuleko ka-Oral Roberts, bese-ke ngidlule emugqeni womkhuleko kaTommy Hicks, bese-ke ngidlula emgqeni womkhuleko ka-Osborn, nomugqa womkhuleko ka-Allen, nomugqa womkhuleko kaBranham, Umugqa womkhuleko ka*S'bani-bani*, uye kulelibandla nalelobandla. Ngani, umosha isikhathi nje; yilokho kuphela. Yilokho kuphela.

¹²² Into okufanele yenziwe ngukusho nje—nje futhi ucabangisise ukuthi nguNkulunkulu, noNkulunkulu washo njalo, futhi ngizohlangabezana nezidingakalo zaKhe nalokho kuxazulula ingunaphakade. Amen. Yilokho-ke. UNkulunkulu washo njalo. Phumela kumelusi wami, uthi, “Melusi, iBhayibheli lisitshela ukuba sibize amalunga, siwagcobe ngamafutha, niwakhulekele, umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo. Yilokho kuphela engifanele ngikwazi.” Amen.

¹²³ Ngithole incwadi ebuya kowesifazane omncane eJalimane esikhathini esingeside esedlule. Ngani, wayekade ekhubazekile cishe iminyaka eyishumi nanhlanu ngesifo samathambo: engakwazi ukunyakaza. Ngamthumelela iduku. Sithumela izinkulungwane zawo, ngenyanga, ngaphandle. Futhi ngakho, wathola lencwadi encane. Futhi sineketango lomkhuleko emhlabeni jikelele. Ngakho wa—wakufunda lokhu, wayesethi, “Manje, kuthi lapha, ‘Uma umelusi wenu engekho lapho, noma uma engongakholwayo, ungambizi. Niyabo? Kodwa uma kukhona umakhelwane ndawondawo oyikholwa, biza ikholwa. Vumani onke amaphutha enu. Cela uNkulunkulu akuthethelele kukho konke okwenzile. Thola konke kahle. Bese-ke ukhuleka. Beka iduku engutsheni yakho engaphansi phezu kwenhliziyo yakho. Khona-ke kholwa.’” Ngakho wahlangabezana nazo zonke izidingakalo ezathunyelwa kuye. Futhi ngenkathi ekwenza, wabeka isandla sakhe phezu kwenhliziyo yakhe. Wathi, “Manje, develi omdala, usuhlale kimi isikhathi eside ngokwenele. Phuma.” Nangu eza ehamba edlula. Lokho nje kulula. Kulula kanjalo nje ukukholwa.

¹²⁴ Lapha e-Arizona, sasiphandle kumaNdiya, ama-Apache. Futhi ngangihlala njalo ngidabukela ama-Apache. Futhi lapho ayephandle lapho ngalobobusuku. Futhi kwakubukeka njengebutho lihlezi phandle lapho, futhi ngiqala ukukhuluma kubo ngeNkosi. Futhi niyazi, iNdiya, liwuhlobo lomfo oyingaba. Linjengomnyuzi: aliyikudla esitebeleni esingafanele. Ngakho wakulalela, wacabanga ukuthi kwakuyinkohliso, kuqala. Wayeseletha-ke . . . Ngathi . . . Ngabiza umugqa womkhuleko.

¹²⁵ Awu, ngezwa omunye phandle lapho empompoloza “Gloria a Dios.” Lowo kwakungabangane bami baseSpain. Ngangazi ukuthi babeyoba nomugqa womkhuleko uma babekhona, ngoba ba . . . bahlale benokukholwa ukuba bakholwe. Ngakho babe . . . kodwa ba . . . lokhu kwakungokwamaNdiya kuphela.

¹²⁶ Futhi ngaqalaza lapho, futhi into yokuqala, owesifazane we-Assembly of God emuva lapho, wayenemishini encane. Ngangimi e—ezitebhisini ezinjengalesi, futhi bonke babehlezi phandle bezungezile. Kwakubukeka kahle. Futhi ngakho wayenezinye emuva phakathi lapho. Bakhapha owesifazane wokuqala. Ngokushesha nje lapho ephuma, ezinkulukazi, izihlakala ezibanzi, wayenengane encane emhlane wakhe, kulembeleko encane emuva lapha. Ngase ngimbuka. Futhi

ngacabanga ukuthi ngizozama ukuthola umusa. Ngathi, “Kuthiwani ngokunginika ingane na?” Wayengeke akwenze lokho. Ngakho mina, ngibamba umqondo wakhe nje.

¹²⁷ Manje, ngathi, “Manje...” Kumhumushi, ngathi, “unesifo socansi, kodwa si...” Futhi ngakho umhumushi washo lokho. Wangibuka ngamandla ngempela. Ngathi, “Manje, akubangelwanga ukuphila kokuziphatha okubi, kodwa indlela ayefanele aphilile ngayo ekungcoleni nasemanyaleni kanjalo.” Awu, wanqekuzisa ikhanda lakhe lokho kwakulungile; ngamkhulekela.

¹²⁸ Okulandelayo kwakuyiglakhoma yeso. AmaNdiya linokuningi kwakho, futhi ngakhulekela lowo. Olandelayo owaphuma kwakuyi—kwakuyintombazane encane, futhi yayilokhu igobise ikhanda layo *kanjalo*. Ngathi, “Manje...” Wayengumfo omncanyanyana *kanjalo*. Futhi kwenzeka waba ngenye yendodakazi yenduna. Ngathi, “Manje, intombazanyana,” ngathi, “ibenemfiva, nomkhuhlane wayenza yaba yisithulu futhi ibe yisimungulu. Ayikwazi ukukhuluma noma ukuzwa.”

¹²⁹ Nomhumushi washo lokho, nomama, “Lokho bekuqinisile, konke nokunci kwakho kwakuqinisile.” LawomaNdiya khonake aqala ukuqalazana omunye nomunye, niyazi. Aqala ukubona into ethize ayengakaze ayibone. Ya.

¹³⁰ Ngakho ngathi, “Manje, ngeke ngenze i—intombazane ukuba ikhulume futhi izwe. Lokho kuthatha uNkulunkulu.” Kodwa ngathi, “Lesi nje yi—yisibonakaliso sokuthi Ulapha, ukuthi uBukhona baKhe bulapha. Usigcobile.” Futhi ngakho ngathatha intombazanyana ngesandla. Ngathi, “Baba waseZulwini.” Abawuhumushi umkhuleko. Ngathi, “Lomoya oyisithulu nesimungulu mawusuke kulomntwana.” Futhi ngehlela kuye, futhi ngenze *kanjalo*. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe—Umhl.] Waphenduka wayesengibuka ngalawomehlo amakhulu amnyama, ngase ngithi, “Wena uthi, ‘Ayibongwe iNkosi.’”

Lathi, “Lam, lam, lamalam,” noma enye into ethize, kanjalo.

Ngathi, “Uzokhuluma kangcono.”

Umama wakhe wathi, “Ukukhuluma kwakhe kunqwabelana kahle khona manje.” Futhi—futhi washo wahamba; ngakho manje-ke, “Ukukhuluma kwakhe kunqwabelana kahle khona manje.”

¹³¹ Kwase kuthi-ke olandelayo kwakungumama, kwase kuthi olandelayo kwakungumfana omdadlana ephuma lapho. Futhi ngathi, “Awu, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu... Ukhuluma isiNgisi na?” Qhabo, wayengasikhulumi isiNgisi. Ngathi, “Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa umfo omncane na?”

¹³² Futhi welula isandla wambamba phezulu ekhanda; bamahhadlahhadla ngempela, niyazi, nezinwele zakhe ezincane ezindala zimahhadlahhadla njengomhlwenga ehhashini, futhi ngakho...mbamba *kanjalo*. Ngathi, “Unezinxemu, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu...?” Wezwa umhumushi ethi, “izinxemu,” ngakho wavele nje wambamba ngezansi kwesiphundu, futhi wabuyisela ikhanda lakhe elincane, amehlo amancane ehlezi phakathi ngqo *kanjalo*. Ngathi, “Manje, uma uzokholwa ukuthi uNkulunkulu uzoqondisa amehlo ayo amancane,” ngathi, “khona-ke uNkulunkulu uzokwenza.” Futhi ngakho umhumushi...Ngathi, “Manje, kuthathe kancane.”

¹³³ Abana—namusho noma izimpawu zokuloba. Baqala phansi ngempela, futhi baye phezulu, phezulu, phansi. Bavele nje... Niyazi ukuthi ama-Apache anjani. Ayi...kwakuwuhlobo lweqoqo elimahhadlahhadla lamaNdiya. Ngakho manje-ke bathi, “Yebo,” ukuthi uzokholwa.

¹³⁴ Ngathatha umfo omncane ngenyuka nge...Wayefana nje nokuthi uzama ukuthambisa ihhashi lasendle. Futhi nganginocezu lukashingamu. Ngilufaka ngaphansi kwekhala lakhe futhi ngimenze aluhogele, niyazi. Ngase-ke ngimthola *kanje*, ngamgona, ngamgona umfo omncane *kanje*. Ngathi, “Ungakuhumushi lokhu.” Ngathi, “Baba waseZulwini, lababantu abampofu, lona ngamaMelikana eqiniso ngempela.”

¹³⁵ Futhi kunjalo. Asisiwo amaMelikana. Hhe-e. Asisiwo amaMelikana. Singabafokazi abangenayo, bathatha izwe kuwo. AngamaMelikana angempela. UNkulunkulu wawanika lelizwe; siyeza, salisusa kuwo. Ngicabanga ukuthi kuyibala eflegini ngendlela esibaphatha ngayo. Kunjalo. Ukuthumela imali laphaya eJapani nazo zonke lezozindawo, ukuyiqhumisa ibuyeke kithi *kanje*, namaNdiya akithi elele phandle lapha futhi ebulawa yindlala, akulungile. Impela, akulungile.

¹³⁶ Ngase-ke ngibheka, nomfo omncane bandla, ngangimbeke ehlobo lami. Ngathi, “Nkosi, mangifumane umusa kulababantu. Qondisa amehlo omfo omncane.” Ngangibhekisisa *kanje*, ngase ngibona umbono ufika phambi kwami, amehlo akhe amancane ayeqondile nje.

¹³⁷ Ngasho. “Manje...” Wayebeke ikhanda lakhe phezu kwehlobo lami. Ngangimbambatha. Ngathi, “Manje, kini nonke,” amakhulu ngamakhulu ehlezi ndawo zonke, ngathi, “manje, uma amehlo alengane engaondile, khona-ke ngingumprofethi wamanga. Niyabo? Uma eqondile, khona-ke ngimele uJesusu Kristu kini. Angikwazi ukusiza ngalokho uhulumeni akwenzayo kini. Kodwa,” ngathi, “Ngiyazi uJesusu uzokuphatha kahle. Manje, bona ukuthi lokhu kuqinisele noma qha.” Ngalizungeza ikhanda lakhe elincane. Ukhuluma ngomugqa womkhuleko. Benginowodwa manje. He, kwabakhona ukunyathelana.

138 Bese kuthi-ke olandelayo ozayo kwakungowesifazane omdala oyiNdiya, futhi wayene...Wayezoba ngolandelayo futhi, o, babe...wena ju-...usanda kuba...Wawungeke ubahlule ubalahle phansi. Futhi kwakukhona u—kwakukhona owesifazane ongumNdiya omdala ophumayo. Wayenezinduku ezimbili zomshanelo ne—nesiqephu sezimpahla ezisonge ngento ayeyifake ekhwapheni *lapha*, futhi wayezama ukuphuma.

139 Futhi kwakukhona umfana omncane oyiNdiya owagxumela lapho, futhi wayezama ukungena phambi kwakhe. Futhi asikwazanga ukumenza aqonde, ngoba wayengakwazi ukukhuluma isiNgisi. NoMfowethu Moore, abaningi benu niyamazi uMfowethu Jack Moore; wavele nje wamthola ngasemaceleni, wayesemqokula.

140 Futhi ngaqaphela owesifazane omdala. Wenyukela eduze *kanjalo*. Babekholwa ngaleyonkathi. O, ukhuluma ngomugqa womkhuleko. Ngakho lapho, kukhuphuka nje, ngempela, *kanjalo*. Futhi ngambhekisisa, futhi wayehambisa lezi zinduku ezimbili zokuqhugela *kanje*. Futhi wayethatha lolonyawo, niyazi, bese elubeka ngaphambili, bese kuthi-ke olunye *kanjalo*, nje lungakwazi impela ukunyakaza. Yena, ngiqagele, wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Futhi wangibuka phezulu ngenkathi esondela ngqo kimi. Nalawo amakhulukazi, amanxeba okusikeka ajulile esihlathini sakhe. Umama wami uzalwa uhhafu, angazi njengoba nazi lokho noma qha, kodwa unalawo amakhulu, amanxeba okusikeka ajulile, futhi. Futhi ngabuka ngenkathi enyuka *kanjalo*, nezinyembezi zisika zehla ngalawo amancane, amehlo abukeka ephaphathekile. Futhi ngacabanga, “Umama womunye umuntu.” Futhi wavele wangibuka phezulu *kanjalo* ngase ngicabanga, ngi—ngi...ngenkathi ngi...ngaphambi kokuba ngimkhulekele, ngacabanga, “O Nkulunkulu, buka lesosilevu esincane siqhaqhazela *kanjalo*, into endadlana.” Wangibuka, waqala ukumamatheka. Wavele nje wathatha induku yokuqhugela eyodwa wayeseyibeka *lapho*, wayesenginika yona, wayesehamba ephuma emsamo. Ya. Niyabo, ukukholwa okulula, ukukholwa nje.

141 Bengi—bengizozama ukukhulekela bonke, kodwa, o, he, kwakuhambisana cishe...Ngadingeka ngimise ukwahlukanisake. Ngakho cishe ngehora lesithathu noma lesine nqo ekuseni, babemanzi te, bathi ngqu ngokuzungeza *kanje*, bemanzi nje njengoba babengaba njalo. Ngase ngithi, “Yini indaba ngabo na?”

142 Wathi, “Awu, bacabanga, kuqala, ubunamanga.” Wathi, “Manje,” wathi, “baphuma bayongena ogwadule futhi bathola abathandekayo babo. Abehleli ezibukweni; bagxambuza ngqo ngaphesheya komfula nabo, *kanjalo*.”

143 Ngakho nakhu kufika indoda endala, ikhanda elimpunga.

Futhi yayine... yayiphezu kwepulangwe futhi lalinezinduku ezimbili zivundle kulo. Futhi yayinemilenze yayo ilele yanqamula izinti ezimbili nezingalo zayo zinquma izinti ezimbili, futhi wayeqhaqhazela kanje kanye nofe uhlangothi. Futhi ngakho kwakukhona umfo omkhulu omi lapho, obukeka emuhle, umNdiya omkhulukazi, izindebe zakhe ziluhlaza okwesibhakabhaka nje ngakho konke, futhi zimanzi. Ngase ngithi, “Awesabi ukuthi uzongenwa yinyumoniya na?”

Wathi, “Qha.”

Ngathi, “Ukhuluma isiNgisi na?”

Wathi, “Kancane.”

Ngase ngithi, “Awesabi ukuthi uzongenwa yinyumoniya.”

“Qhabo.” Wathi, “UJesu Kristu unginakekele. Ngilethe ubaba wami.”

“Mm, a-hha, a-hha.” Ngathi, “Umfowenu lowo na?”

“Yebo.”

Ngathi, “Uma ngimkhulekela, ucabanga ukuthi uzosinda na?”

“Yebo.”

“Ukhuluma noma yisiphi isiNgisi na?”

“Qhabo.”

Ngathi, “Medlulise.”

¹⁴⁴ Bambeka eduze. Ngabeka izandla zami phezu kwakhe, ikhanda lakhe elidala liqhaqhazela *kanjalo*. Ngathi, “Baba, usebenzele lababafana usuku oluningi olunzima. Bamhloniphile manje, bemletha ngaphesheya komfula ngalesisikhathi sokusa ukuba akhulekelwe. Ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa.” Ngathi, “Mthathe. Letha owakho olandelayo.”

¹⁴⁵ Into yokuqala niyazi, ngezwa wonke umuntu empongoloza, edazuluka. Ngabuka, indoda endala yayineplangwe ehloambe layo uqobo, ihamba ivayizela kuwo wonke umuntu, kanjalo, isuka ihamba. Kuyilokho-ke. Kungukukholwa okulula nje ukukholwa uNkulunkulu. Akusiyo inkohliso ethize. Kungukukholwa nje okunjengokomntwana. Niyabo, si-siphume sathi ngqu sasuka kukho sizama ukukuchaza. Kukholwe nje.

¹⁴⁶ Kunjalo. Kungaleyondlela ngale enkulu, iNduna enamandla yebandla leNkosi, Wayelapho ngalobobusuku, ngokufanayo njengoba Wayelapho. Futhi niyazi, kukhona okunye ngakho, lapho uJesu ekhona, njalo uzwa inqwaba yomsindo. Angazi ukuthi kungani, kodwa ku-kungaleyondlela. Nomaphi lapho othola khona uJesu uthola inqwaba yomsindo.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .eshova futhi edazuluka, nabanye babo bempompoloza into eyodwa, “Hosana, Hosana, kumProfethi waseGalile.”

¹⁴⁷ Abanye bethi, “Makahambe umkhohlisi. Mkhhipheni kulomuzi. Asimfuni lapha.” Futhi abanye beMjikijela ngesithelo esivuthwe ngokweqile, futhi mhlawumbe amaqanda ngendlela efanayo, niyazi, bese-ke beqhubeka.

¹⁴⁸ Futhi wathi, “Ubani odlulayo na?” kusho uBartimewu. “Ubani odlulayo na?” Futhi bamminyanya, futhi bemsunduzela emuva futhi mhlawumbe emva kwesikhashana yena . . . bamsunduzela phansi. Wahhala phansi, wezwa idwala lakhe futhi. Abantu . . . wayezwa omunye ethi, omunye wayengakuYe, omunye wayemelene naYe. Indlela efanayo nanamhlanje: abanye bonaYe, abanye bamelene naYe.

¹⁴⁹ Ngokuqondile wezwa lowompristi ayemuzwile engena, ethi, “Hheyi, wena, umprofethi, wena, owathi wavusa umuntu ofile ogama linguLazaru; sinendawo yamathuna yonke egcwele bona phezulu lapha. Ake sikubone wenyuka futhi uvusa oyedwa. Sizokukholwa. Uze wenze lokho, ungumprofethi wamanga.”

Wathi, “Yileyondoda efanayo engitshela ukuthi yayizokwehla ukuyoma . . . Awu, kumayelana nani konke lokhu na?” Niyabo?

¹⁵⁰ Futhi wayethi, “Omunye akangitshela. Othile akangisize. Othile akangisize, ngoba . . . Kungani . . . ? Ubani owedlulayo na? Umayelana nani wonke lomsindo na?” Akekho owayengamlalela, futhi emva kwesikhashana, kufanele ukuthi kwakungowesifazane osemusha. Obone umfo omdala ompofu elele lapho, futhi wamqokula. Wathi, “Mnumzane, ulimele na?”

“Qhabo, mem.” Wathi, “Ngi—ngifisa sengathi ubungangitshela, umayelana nani wonke lo msindo na?”

“O,” wathi, “UJesu waseNazaretha uyedlula.”

“Ngani, Ubani uJesu waseNazaretha na?”

“Awusuye umIsrayeli na?”

“Yebo.”

¹⁵¹ “Awu, uyabo, ngiyinceku kaJesu waseNazaretha.” Niyazi kukhona okuthize ngenceku kaJesu waseNazaretha; bazimisele njalo ukusiza umuntu othize odingayo. Bahlala njalo bevuma ukuma futhi basize umuntu odingayo. Izinceku zikaNkulunkulu ziyakwenza lokho. Wathi, “Ngiyikholwa likaJesu waseNazaretha. Manje, niyazi, loJesu waseNazaretha uyiNdodana kaDavide, ukuthi . . .”

“INdodana kaDavide na? Ngani, ngiyakhumbula . . . Bengihlezi lapha nje ngicabanga, nomama wami wangitshela ukuthi iNdodana kaDavide iyofika ngolunye usuku.”

“Yebo, lowo nguYe, umProfethi waseGalile.”

“UmProfethi na?”

“Yebo.”

Wathi, “Uyayikhumbula leyondoda ezansi lapha edolobheni abayibiza ngoZakewu, usomabhizinisi na?”

“Yebo, ngimkhumbula kahle kakhulu. E-hhe, unginike izinhlamvu zemali phambilini.”

“Awu, kulokhu ukusa . . . Uyamazi uRebekah, umkakhe na?”

“Yebo, ngiyamkhumbula uRebekah.”

¹⁵² “Awu, uRebekah ubekhuleka. Azi ukuthi uJesu wayeza emzini, ngani, wayekhulekela ukuthi—ukuthi umyeni wakhe uzo re- . . . a uyoMemukela njengoMsindisi wakhe.”

“Yebo, qhubeka, khuluma.”

¹⁵³ “Awu, kulokhu ukusa, uZakewu ubephuma ukuyoMbona, futhi ubengafuni uJesu ambone. Ngakho ugijime wehlela ekhoneni loMgwaqo uHaleluya lapho ujika khona eMgwaqeni uNkazimulo ezansi lapha, futhi wa—wathatha umgqomo kadoti wase ewubeka phansi, wayesekhwela esihlahleni somthombe, wayesehlala phansi lapho okuphambana khona amagatsha amabili.”

“E-hhe.”

¹⁵⁴ “Futhi uRebeka wamtshela ukuthi—ukuthi, ‘Manje, ungumJuda, futhi uyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uzoba ngumProfethi. Uzoba nguNkulunkulu-mProfethi, ngoba uMose wathi, “INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami.” Kodwa niyazi, ni—niyazi uZakewu, kahle kanjani. . . u—ungomunye wosomabhizinisi lapha bedolobha. Futhi uyancika kakhulu nge. . . Yena norabi badlala amakhadi ndawonye, futhi banezabo, niyazi, ezabo—zabo e. . . izinto zikahle impela. Ngakho bona, urabi nabo bonke ushilo ukuba bangakholelwa kulowomfo, ngoba wayengesuye umprofethi.

¹⁵⁵ “Ngakho uZakewu wayefuna ukubona ukuthi Wayekhona yini. Ngakho ugibela kulesisihlahla, futhi wathola onke amagatsha, futhi wawaxuba nxazonke *kanje*, wazifihla. Futhi wayeneqabunga elilodwa elikhulu lesundu aliphakamisa ukuze akwazi ukuMbona ngenkathi Ejika ezansi lapho kuMgwaqo uNkazimulo, niyazi, ukuMbona eza ngapha. Ngakho nango ehlezi phezulu lapha esihlahleni, eqhwakele wonke, futhi akukho-muntu owayazi ukuthi wayephezulu lapho. Futhi wathi, ‘Manje, ngizobona uma EngumProfethi. Futhi ngizobuka ebusweni baKhe, ngiyokwazi ukuthi ngabe UngumProfethi noma qha. Ngiyazi ukuthi umprofethi ubefanele abukeke kanjani.’

¹⁵⁶ “Futhi ekhoneni kufika bonke abafundi. Futhi nakhu kufika abadobi abakhulu, bethi, ‘Ningahlela, ngiyacela? INkosi yethu ikhathele kakhulu. Si—siyaxolisa ukuthi sizofanele senze

lokhu, kodwa ningahlehla umzuzwana nje futhi niYivumele idlule na? Wenyukela kwaLevinski ukuyodla idina, ngakho-ke nizofanele ni. . . esitolo othenga udlele kuso enhla lapha, niyabo, ngakho nizo—nizofanele nihlehle. Ngiyaxolisa ukuthi sifanele senze lokhu, kodwa. . .” Thembeke, ngithemba ukuthi akukho-Levinski lapha. Ngakho manje-ke, empeleni, bengiqonde nje. . . Nginitshelile ukuthi ngumdlalo wasesiteji nje. “Ngakho edlula futhi esho, niyazi, ‘Hlehlani kancanyana nje.’ Futhi nakhu kufika abanye.

157 “Futhi wa—waphakamisa iqabunga lakhe futhi wabuka ngaphandle. Wathi, ‘A-hha. Bayini labo na? O, o, lokho kufanele kube ngabafundi baKhe uRebekah angitshela ngabo. A-hha, ngizolinda umzuzu nje.’ Kwase kuthi emva kwesikhashana waphakamisa iqabunga futhi, wathi, ‘Manje, ake sibone ukuthi ngimbozeke kahle yini. Ya, ngihlezi emagatsheni amabili.” Yilapho izindlela ezimbili zihlangana khona, futhi yilapho inqwaba yabantu ihlala khona, lapho izindlela zakho nezikaNkulunkulu zihlangana khona. Kunjalo, ufanele wenze isinqumo khona lapho.

158 “Ngakho wa—wayehlezi phezu kwaleligatsha, niyazi. Futhi wabheka, futhi emva kwesikhashana wabona uhlobo lwendawo engenamuntu, futhi emva kwesikhashana wabuka, eza ekhoneni. Waphakamisa iqabunga lakhe kalula ngempela wayesebuka ngaphandle, walunguza ngaphansi kwekhona lalo. Futhi niyazi ukuthini? WaMbheka ebusweni. Futhi wathi nje angaMbona ebusweni, wathi, ‘Kukhona okuthize okwehlukile kancane ngaleyoNdoda. NgiyaMuzwa ngendlela Akhuluma ngayo, nokuthi Wayenesihawu kanjani, Wa—Wayengohlukile. Kodwa niyazi bengiyofanele ngazi ukuthi WayengumProfethi, ngoba uma Engesuye umProfethi khona-ke Akasuye uMesiya, ngoba uMose wasitshela ukuthi uMesiya uyoba ngumProfethi.

159 “Ngakho-ke ngiMkhohlisile manje. NginokuMbuka kahle. Ngiyabuyela emuva futhi ngitshela uRebekah. Niyazi ukuthi ngenzani umcabango omuhle na? Ngigxuma ngiphuma kulesisihlahla futhi ngempela ngiMtshela ezikabhoqo.” Niyazi—niyazi ukuthi kanjani abantu, niyazi. “Ngikholwa ukuthi ngizoMtshela ukuthi zonke izinsuku zezimangaliso selwedlule, ngoba uLevinski washo njalo, nabo bonke abanye. Urabi uJones nabo bonke basho njalo.” Niyabo? “Ngakho ngiyazi; ngikholwa ukuthi ngizokwenza. Kodwa kungcono nje ngihlale ngithule, ngoba ngimbozwe kahle impela.’

“Ngakho Wahamba. . .” wathi, “futhi—futhi ungubani igama lakho, mnumzane na?”

“NginguBartimewu.”

160 “Awu, Bartimewu, Wahamba waze Wafika ngqo ngaphansi kwesihlahla. Futhi ngenkathi Efika ngaphansi kwesihlahla Wama, wabheka phezulu, wathi, ‘Zakewu, yehla khona

manje. Ngiya ekhaya nawe siyodla idina.’ Zak-. . . Bartimewu, ubungakholwa ukuthi leyo kwakuyiNdodana kaDavide na?”

“O, yebo. Lokho kuyoba yilokho Ayokwenza. Ukuphi na?”

“Usehambe wehla ngomgwaqo lapho manje.”

¹⁶¹ Wagxuma futhi waphonsa phansi ibhantshi lakhe. “O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele. Ngihawukele. O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele. Yebo, ngihawukele.” Ithuba lakhe lokugcina, nango Wayedlula, Usevale wedlulile, futhi Wayeyoke ayizwe kanjani leyondoda endala eyimpumpethe, engabalulekile na?

Nabantu bathi, “Hlalani phansi, hlalani phansi. Ninga—ningampongolazi kanjalo. Hlalani phansi. Wehle ngomgwaqo.”

¹⁶² Khona-ke kufanele ukuthi uBartimewu wathi, “Ungumesiya, ngiyazi ukuthi Unguye. Indlela kuphela engiyoke ngikwazi ngayo ukuMbamba manje, uma Esezansi lapho, ngiyazi ukuthi uMesiya, nxa Efika, Uyositshela konke, siyazi ukuthi Uyoba ngumProfethi.” Ngakho kufanele ukuthi wawa ngamadolo akhe wayesethi, “Jehova Nkulunkulu, uma lowo kunguMesiya, leyo yiNdodana yaKho. Ngikhulekela ukuthi UzoMmisa. O, Makangihawukele.”

NoJesu wama. Kwakuyini na? Akusilo iphimbo lakhe elaMmisayo, kodwa ukukholwa kwakhe kwaMmisa. Bhekisisani, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Niyabo?

¹⁶³ Bhekisisani. Nayo yonke imithwalo yezwe, Wayekhuphukela ngqo eJerusalema ukuba abethelwe; Wayekwazi. Yonke imithwalo nezono zezwe: sonke isono esake senziwa, noma esiyoke senziwe, sahlala phezu kwaKhe. Cabanga, enhliziyweni yaKhe; ngisho namaqanda nezithelo nezinto kwaphoswa kuYe, konke ukumemeza kokuthi “Yenyukela lapha futhi uvuse abafuleyo. Sikhombise isimangaliso. Ake sikubone wenza *ukuthi-nokuthi* uma unguMesiya. Asikubone. . .” Lesosigejane se—senhlangano yabefundisi baseJerusalema, niyabo, noma, baseJeriko. “Ake sikubone wenza okuthile. Niyabo, nginitshelile; akukho lutho kukho.”

Akabanaki odeveli. Akakakwenzi namanje, niyabo, ngakho, We—Wenza nje njengoba uBaba eMkhombisa, Washo.

¹⁶⁴ Kodwa lesosinxibi esidala esiyimpumpethe laphaya, sithi, “O, Wena Ndodana kaDavide,” futhi Wama. Mfowethu, ngithanda ukushumayela kuwe ngesinye isikhathi, *Futhi Wema*. Yebo, mnumzane. Wema, futhi ngenkathi Ekwenza, Waphenduka. Manje, iphimbo lakhe, Akalizwanga; impela akalizwanga. Kodwa ukukholwa kwakhe kwaMmisa. Ukukholwa kwaKhe kwaMmisa futhi bamletha ngaphesheya.

Wathi, “Yini ebinga, ebeNgingakwenzela yona na?”

Wathi, “Nkosi, ukuze ngibone.”

165 Wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Niyabo, uma wayenokukholwa okwenele ukuMmisa, ukukholwa ukuMthinta . . . Aniboni ukuthi lokho kuqhathaniseka kanjani nawo wonke umBhalo na? Niyabo? Uma wayenokukholwa okwenele ukuMmisa, awu, khona-ke wayenokukholwa okwenele ukwamukela ukuphulukiswa kwakhe. “Ukukholwa kwakho kukusindisile. Ukukholwa kwakho kukwenzile.” Futhi Waqhubeka ehamba nekhanda laKhe ebheke ngaseJerusalema, o, he, eqhubeka ebheke ngaseJerusalema.

166 Sengiyambona uBartimewu oyimpumpethe emi lapho, ethi, “Wangitshela, Wangitshela ukukholwa kwami. Ukukholwa kuni na? Ukukholwa engikholwa ukuthi WayenguMesiya. Wayengangizwa kanjani, nami ngihlezi emuva le lapho amayadi angamakhulu amabili noma amathathu ngincike kulolodonga na? Futhi bonke bedazuluka futhi beqhubeka, nabantu beziphatha ngendlela ababeyiyo, kanjani . . . ? Ngani, nganginokukholwa okwenele ukuba ngikholwe, futhi ngaMmisa, futhi Wangitshela . . . Athi, ngi—ngi—ngiyazibona izandla zami!” NeBhayibheli lathi waMlandela ngaleyonkathi, ethokoza futhi edumisa uNkulunkulu.

167 Ukukholwa kwesinxibi esisodwa esiyimpumpethe kwaMmisa emishini enjengaleyo. Ukukholwa komuntu oyedwa lapha kulobubusuku kungaMletha esuka eNkazimulweni kuye ngqo kulesisakhiwo, impela kuzokwenza. Angakuphulukisa. Anga—Angakunika ukukhululwa.

168 Ngifunde indaba encane ngoBartimewu oyimpumpethe. Ngaphambi kokuba ngivale, isikhathi sami sesihambile; kodwa ngithanda nje ukusho lokhu ngaphambi kokuba ngivale, futhi sizokwenza ukubizela e-altare. Manje, qaphelani umzuzwana nje.

169 Ngifunde indaba. Mhlawumbe kwakuyingane kwane. Mhlawumbe bekuyiyo, angazi. Kodwa ngangifunda ngoBartimewu oyimpumpethe, wathi wayekade eyimpumpethe kusukela esengu—ngumfana omncane, ukuthi waba yimpumpethe. Kodwa wayeganiwe, futhi wayenonkosikazi nentombazane encane enekhanda elisongekile ayengakaze ayibone empilweni yakhe. Futhi wathi ngobunye ubusuku wagula. Futhi baxoxa, indaba yakwenza, ukuthi wayenamahobhe ayezophumela lapho. Ayezogingqika kancane elinye kwelinye nelinye, futhi lokho bekuyoheha ukunaka ko—kodlulayo. Futhi babebhekisisa lawomajuba amancane ehamba egingqika elinye kwelinye, nabantu babema futhi bahleke kancanyana, bese-ke bemnika uhlamvu lwemali. Yileyondlela abasakwenza ngayo.

170 Futhi ngakho intombazanyana yakhe yagula. Babekhiphe inyanga, nodokotela wathi, “Awu,” wathi, “kunomkhuhlane omkhulu kakhulu kumntwana. A—angicabangi ukuthi

umntwana uzophila, uBartimewu. Asinalutho lokunqamula lowomkhuhlane, ngakho a—angikholwa ukuthi umntwana uzophila.”

¹⁷¹ NoBartimewu wavele wathi nje...Mhlawumbe waphuma eceleni kweqhugwane lakhe elincane, futhi wama phandle lapho, wayesethi, “Jehova, uma nje Uzophulukisa intombazanyana yami futhi ungayiyeki ife, ngiyaKwethembisa, kusasa, ngizoKwenzela umhlatshelo wamahobhe ami amabili amancane.”

¹⁷² Niyabo, into ethize ozofanele uyiyeke; abantu bacabanga namhlanje ngoba nje benza into encane. Qhabo, kuyinto elimaza ngempela, into ofanele uyimbe le phansi ukuze uyithole. Yilolohlobo uNkulunkulu alubonayo. “NgizoKunika amahobhe ami amabili amancane futhi nje ngiqhubeke ngaphandle kwawo.” Futhi wathi ngokusa okulandelayo eyakhe... umkhuhlane wawungasekho. Wahamba wanikela ngamahobhe amabili.

¹⁷³ Wathi esikhathini esithile kamuva umkakhe wagula ngempela. Futhi ngakho-ke inyanga yafika futhi yathi, “Ngani, ngikholwa ukuthi uzofa. Angikholwa ukuthi uyoke aphile, Bartimewu,” emva kokumlinda isikhashana. Futhi wathi, “Qhabo, ngi...Umuthi wami ngeke umsize. Uzofa.” Ngakho waphumela ngaphandle kwendlu futhi.

¹⁷⁴ Futhi niyazazi lezizinja ezihola abantu namhlanje na? Ngiyakhohlwa ukuthi nizibiza ngokuthini: inja ebonayo, ziyabahola. Kodwa inja ngalezozinsuku, bathi, babenamawundlu ayebahola. Futhi ngakho uBartimewu wayenewundlu elibonayo. Ngakho wathi, “Uma, Nkosi, uma Uzophulukisa umkami, futhi ungavumeli umngane wami oyigugu afe, awu, ngiyaKwethembisa, kusasa, ngizoKunika iwundlu lami.” Futhi ngosuku olulandelayo umkakhe wayesengcono.

Ngakho wayenyuka ukuyonikela ngewundlu. Futhi wathi, umpri wathi, “Uyaphi, Bartimewu oyimpumpu na?”

¹⁷⁵ Wathi, “Ngenyukela e—e—emhlatshelweni ukuyonikela ngewundlu lami kuJehova. NgaMthembisa ukuthi ngiyoMnika iwundlu lami ngoba Waphulukisa umkami.”

¹⁷⁶ Wathi, “O, Bartimewu, ungeke wanikela ngalelowundlu.” Wathi, “Ngizokunika imali, bese uhamba uyozithengela iwundlu, bese-ke unikela ngalelowundlu. Thenga lelo kubahwebi e... phandle emegcekeni.”

Wathi, “O, mpri lobo ngubuhle bakho. Kodwa angizange ngithembise uNkulunkulu iwundlu; ngaMthembisa *leli*wundlu.” Yilokho-ke.

“Ngizoletha omunye umuntu. Ngizokwenza isenzo esihle,” kodwa kuthiwani ngawe. Niyabo?

“Ngethembisa uNkulunkulu *leliwundlu*.”

¹⁷⁷ “Ngethembisa uNkulunkulu uma kuphela Engangikhombisa uBukhona baKhe, ngiyomkholwa ngenhliziyo yami yonke. Hhayi uNkosazana Jones uyoMkholwa, kodwa bengiyomkholwa ngenhliziyo yami yonke.” Yilokho-ke. Niyabo?

“NgaMethembisa, hhayi *iwundlu*, kodwa *leliwundlu*.”

Wathi, “Bartimewu, ungeke wanikeza lelowundlu. Lelowundlu lingamehlo akho.”

Wathi, “Uma ngigcina isithembiso sami kuJehova, uNkulunkulu uzohlinzeka iwundlu lamehlo kaBartimewu oyimpumpothe.”

Ngalokhu ukusa kwasentwasahlobo okupholile uNkulunkulu wayehlinzeke ngeWundlu lamehlo kaBartimewu oyimpumpothe. “Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele.”

¹⁷⁸ LeloWundlu elifanayo lihlinzekelwe sonke isoni, sabo bonke abagulayo. UNkulunkulu uhlinzeke ngeWundlu lamehlo ethu okomoya, namehlo ethu enyama, ngesimo sethu somzimba, ngesimo sethu sokomoya. UnguJehova-jire osevele uhlinzekele iWundlu lobumpumpothe bethu, ukuze si...sibona izwe, singahle singaphinde silibone futhi sibheke kuYe; sigula, ukuthi si—singazi ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

¹⁷⁹ Ngabe sikhona isoni lapha esingathanda ukuthi, “Mfowethu Branham, ngikhumbule. Ngi—ngi—ngi—ngimemeza kakhulu, ‘O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele. Ngihawukele. Ngi—ngi—ngifuna ukwemukela ukubona kwami kokomoya. Ngifuna ukuKubona njengoba Unjalo, iNdodana kaNkulunkulu yeqiniso. Ngihawukele, Ndodana kaDavide?”? Ningaziphakamisela izandla zenu kuYe na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Phezulu kuvulandi osesitezi na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngifuna ukuMbona, ngi—ngi... O Wundlu likaNkulunkulu, O Wena Ndodana kaDavide.” UNkulunkulu akubusise, mfowethu, emuva le phezulu lapho kuvulandi osesitezi.

¹⁸⁰ Omunye futhi, abanye babafa abasha bezwa indaba yami encane ngoBartimewu omncane ngenkathi esemncane na? Uyazi, umama wakho, mhlampe, wakunikela kuNkulunkulu, futhi, ngenkathi uzalwa. Niyabo, uBartimewu ekugcineni wagewalisa umyalo uNkulunkulu ayemendlalele wona ngenkathi umama wakhe emnikela. Kwangathi kulobubusuku ukuthi amehlo enu amancane azovuleka, bafo abasha, futhi nizobona iWundlu likaNkulunkulu. “Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele.”

¹⁸¹ Ungasiphakamisa isandla sakho, omunye umuntu na? “Ngihawukele, Wena Ndodana kaDavide.” UNkulunkulu abusise lentombazane esencane. UNkulunkulu abusise lentombi. UNkulunkulu abusise lelinenekazi elihlezi lapha.

UNkulunkulu abusise lomfana omncane ngapha. “Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele.” Indoda ngapha, yebo, uNkulunkulu akubusise. Omunye umuntu ngale ngakwesokudla sami na? “Wena Ndodana kaDavide, yiba nomusa.”

¹⁸² Ukukholwa kwakho kungaMthinta, kuMehlisele khona lapha kuwe ngokufanayo nje njengoba kwenza uBartimewu. Akekho kunoma yikuphi... Uzoma futhi asuke eZulwini eze kulelibandla le-Assembly of God kulobubusuku ukunikhombisa umusa, uma nje nizoba nokukholwa okufanayo uBartimewu ayenakho. “Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele.” Angabakhona omunye ndawondawo esakhiweni ngasiphakamisanga isandla sabo na? Sekube neshumi noma ishumi nambili abaphakamise izandla zabo ukuthi bebefuna ukubahawukele; “Wena Ndodana kaDavide.”

¹⁸³ Ngiqaphelile izolo ebusuku... Kukhona intombazanyana ehlezi lapha, ebukeya ithi ayibe neminyaka eyishumi ubudala. Iphakamise isandla sayo emizuzwaneni embalwa edlule. Ibifuna uJesu. Cishe iminyaka kaBecky wami omncane, ngiqagele, ekhaya uRebekah wami omncane. Futhi ngiqaphele intombazanyana iyenyuka izolo ebusuku, ngenkathi ima e-altare. Kungengaphezu kokuma lapho, iqale ukukhuluma ngezilimi. Omunye wangitshela, abanye babazalwane, ukuthi wayegijima kulo lonke ibandla, ikhuluma ngezilimi nokucula ngezilimi nakho konke. Ukuthi iNkosi imbusise kanjani lowomntwana omncane. Ithole lapho inhliziyu yayo isencane futhi ithambile, ngaphambi kokuba ikudonse kumaphephabhuku amadala i*True Story* nokungcola kwezwe, kwenza inhliziyu yayo encane ibe ngeqinile. Ngiyathanda ukubona abancane beza.

¹⁸⁴ UNkulunkulu: unikela impilo yakho kuYe. Uzokwenzela okuthile nawe, s’thandwa. Impela uzokwenza. Omunye manje ngaphambi kokuba sikhuleke na? “Nkosi, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele.”

¹⁸⁵ Baba wethu waseZulwini, ngibanikela kuWe. Baphakamise izandla zabo. Bangabantwana baKho ngokukholwa kuJesu Kristu. Bayazi ukuthi Ulapha, Baba. Bayazi ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu. Bayakukholwa manje lokho ngenxa yokuthi Wakhuluma ezinhliziyweni zabo ukuthi sebelungele ukuKwemukela njengoMsindisi wabo, ngoba Wadingeka ukhulume kuqala. “Akekho ongeza kiMi,” kwasho iNkosi uJesu, “ngaphandle uma uBaba waMi emdonsa kuqala. Nakho konke uBaba aNgiphe khona, kuyoza.” Futhi manje, Nkosi, beza kulobubusuku phezu kwezisekelo zeGazi elichithiwe leNkosi uJesu. Futhi njengompristi wabo, noma umelusi wabo—noma wabo, noma inceku, ngi—ngiyakhuleka, Baba, umkhuleko wami wokukholwa uya kuWe.

¹⁸⁶ Futhi ukubazisa ukuthi basindisiwe, ngicaphuna kuWe

iZwi laKho. Wena wathi, “Ozwa iZwi laMi. . .” Ngilicaphunile njalonjalo ihora lokugcina noma ngaphezulu. “Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, uno, inkathi yamanje, kuPhila okuPhakade futhi akasoze, angezi neze ekwahlulelweni; kodwa usevele wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Baba, yilokho Owakusho. Baphakamise izandla zabo ukuthi bakukholiwe. Futhi ba—bakukholiwe; bakwemukele. Ngakho manje ngiyazi ukuthi Ubanike ukuPhila okuPhakade, futhi Uzobavusa futhi ngosuku lokugcina. Wathi Uyokwenza. Wethembisa ukuthi Uyokwenza, futhi UnguNkulunkulu futhi Uzigcina zonke izithembiso zaKho. Izithembiso zaKho nguyebo no amen, ngakho Ungeke wabuyela emuva esithembisweni saKho. Wa—Wathi Uyokwenza futhi Wethembisa ukukwenza.

¹⁸⁷ Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobapha isibindi sokubazisa ukuthi lowoMoya owawuseduze kwabo, uthi, “Mntwana, unephutha. Ufanele uNgemukele kulobubusuku. Ngizoma ohlelweni lwaMi olukhulu olumatasatasa bese ngijika bese ngithi, ‘Izono zakho zithethelelwe wena. Hamba ungabe usona.’” Njengoba Ushilo izikhathi eziningi kakhulu, Uzokusho kubo kulobubusuku, ngoba benze isinqumo sabo.

¹⁸⁸ Manje, Baba Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Ungeke uvumele noyedwa wabo. . . Angikholwa ukuthi baphakamise izandla zabo ngenxa nje yokusho ukuphakamisa izandla zabo. Ngikholwa ukuthi bebeqotho; bebekuqondile ngempela. Futhi manje ngibanikela kuWe, futhi ngicela ukuthi Uthethelele zonke izono zabo. Ngiyabanxusela ngayo yonke inhliziyi yami, ukuthi Uzobathethelela izono zabo, sonke isoni phakathi lapha, ukuthi Ubathethelela zonke izono zabo.

¹⁸⁹ Baba, leliqembu elincane, ngifuna ukuhlangana nabo lapho ngalolosuku olukhulu loHlwitho lapho sihlangana ndawonye, ngibabone beza begijima besuka esizweni kuya esizweni, behlangana ndawonye. “Thina esisekhona sisasele asiyikubavimbela abaleleyo.” Icilongo liyakukhala, nabafileyo bayakuvuka kuqala, sizobe-ke sesihlangana nabo, bese-ke sahlwithwa kanye nabo ukuhlangabeza iNkosi emoyeni, futhi sibe naYo njalonjalo. Nkosi, ngiyazi ukuthi Ukushilo lokho e—eNewadini yabaseThesalonika, isahluko 5, futhi ngiyazi ukuthi kuyiqiniso. Futhi ngizohlangana nabo ngaphambi kokuba sihlangane naWe. Ngakho sijabule kakhulu ngalokhu.

¹⁹⁰ Futhi siyakholwa manje ukuthi. . . ngikholwa ngayo yonke inhliziyi yami, ukuthi ngoba baphakamise izandla zabo, futhi ngenxa yokuthi ngikhulekile futhi ngacela futhi ngalandela ukuhola kukaMoya ngakho konke ebengazi ukuthi kanjani, ukuthi bathethelelwe izono zabo. Manje, bayajabula ngakho, Nkosi. Manje, kunenye futhi into Obacele ukuba bayenze. “OyoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele.”

¹⁹¹ Lobu kuzoba ubusuku abangasoze babukhohlwa, lababantu abasha, bokukhumbula lowoBartimewu omncane walalela indaba kanina, futhi wazi ukuthi ngelinye ilanga uNkulunkulu wamsebenzisa. Futhi leli yihora Obasebenzisa ngalo, ubasebenzisa futhi ubangenisa eMbusweni waKho. Abadala abaphakamise izandla zabo, kwakuyibo, mhlampe njengoBartimewu kamuva, owayeyimpumputhe kodwa wemukela ukubona kwakhe, ukubona kwakhe kokomoya. Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobavumela babe ngabantwana baKho kulobubusuku, futhi bazojoyina ibandla elithile elihle, futhi—futhi babhaphathizwe ngombhaphathizo wamaKristu, futhi bemukele uMoya oNgewe. Siphe khona, Nkosi.

¹⁹² Manje, amakhanda enu ekhotheme, ngizobona futhi ngibuze, nina ebeniqotho ngokujulile, uma ungikhulwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, inceku yaKhe, njalo, uma ungikhulwa ukuthi ngiyinceku yaKhe ngayo yonke inhliziyi yakho, futhi uyakhulwa ukuthi ngikucaphunele iqiniso, nilizwile iZwi: “Ozwa iZwi laMi . . .” UJohane oNgewele 5:24. “. . . futhi akholwe NgoNgithumileyo . . .” Ngashumayela iZwi; wakhulwa nguNkulunkulu, futhi waphakamisa isandla sakho ukuthi wawuyisoni, futhi wawungasafuni ukuba yisoni nhlobo. Khona-ke uNkulunkulu wathi, “Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonisi.” Manje-ke yini ephakamise isandla sakho na? UNkulunkulu. Wenze isinqumo sakho. Kulungile, manje, Wathini na? “Oza kiMi Angisoze ngamlahlela ngaphandle.”

¹⁹³ Khona-ke ungumKristu, uma ngempela ubukuqondile lokho. Nina bafana namantombazane asemancane, nani enibadala, eniphakathi nendima yempilo, nobubhungu nobutshitshi benu, nonke, ningamaKristu uma nikukholwa.

¹⁹⁴ Manje, kunento eyodwa nokho okufanele niyenze. Uma ngempela ukukholwa lokho ngayo yonke inhliziyi yakho, ngizokucela nje ukuba ume ngezinyawo zakho, futhi usho lokhu ngokusukuma, awudingi ukusho nelilodwa izwi, kodwa sukuma nje ukuze ufakaze kubantu ukuthi, “Manje ngivuma zonke izono zami, futhi ngemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wami.” Manje, nina eniMemukelayo ngaleyondlela, yimani ngezinyawo zenu.

¹⁹⁵ Kuthiwani ngakho, ntombazanyana, ebihlezi lapha na? Uyakhulwa ukuthi UnguMsindisi wakho na? Kunjalo. Yima khona lapho, s’thandwa. Umfana omncane ngapha, u . . . Kulungile. Wena ongemuva, wena phezulu kuvulandi osesitezi, umfana omncane nentombazane kuvulandi osesitezi, kuhle. Nomaphi esakhiweni manje owemukela uJesu njengoMsindisi wakho, sukuma. “Oyofakaza ngaMi phambi kwabantu, ofakaza ngaMi phambi kwabantu, Ngiyakufakaza ngaye phambi kukaBaba waMi nabangewe . . .”

¹⁹⁶ Manje, kunabanye benu bantu abadala abaphakamise isandla senu. Nangu owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, ngibuka abantwana abane bemile endabeni yami encane kulobubusuku kaBartimewu. Manje, kuthiwani ngabanye benu abadala abaphakamise isandla sakho na? Uke...? Niyabona ukuthi izinhliziyi zabo ezincane zithambile kanjani na? Ba—bayakholwa futhi ngakho bavele nje, bayasukuma, basukume ukuba baMemukele. Uyakholwa ukuthi bathethelele na? Impela banjalo. Impela banjalo.

¹⁹⁷ Manje, abanye benu bonke ofuna ukuMemukela futhi bathi, “Ngizokwenza obala ubufakazi.” IBhayibheli lathi abaningi abakholwayo wenezelwa ebandleni. Uyakholwa ukuthi uJesu uyakuthethelela izono zakho kulobubusuku na? Yima ngezinyawo zakho nalababantwana. Bangaki abazokwenza khona manje na? Kulungile, uNkulunkulu akubusise. Umfana osesihlalweni esinamasondo, lomfana lapha, lentombazane lapha, lelinenekazi, elihle; lokho kuhle. Omunye uthi, “NgiyaMemukela khona manje phezu...”

¹⁹⁸ Manje, unga...Akukho umuzwa. “Angibhekile umuzwa. Ngibuka ngoba Wangethembisa, ‘Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akayikuya ekwahlulelweni; kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.’” Phezu kwalezozisekelo esonweni sakho esivunyiwe, futhi uqonda ukuthi uyisoni, futhi uzovuka futhi uMemukele njengoMsindisi wakho, sukuma.

¹⁹⁹ Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, akasekho omunye na? Omunye futhi engingamkhulekela ngaphambi kokuba uhlale phansi na? Ngabe ukhona omunye futhi na? Noma yimuphi kini phandle lapho e—ehhlo omayo na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Lokho kuyamangalisa. Kulungile, ngabe ukhona omunye na? UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Kulungile, ngabe ukhona omunye na? Bayisikhombisa. Leyo yinombolo ephelele. Manje, asikhothamise ikhanda lethu. Yiba ulokhu umile nje.

²⁰⁰ Baba wethu waseZulwini, kungukuthi...iZwi laKho lingehluleke; LiPhakade. Wena wathi, “Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade...” Washo njalo, Nkosi. “...futhi akayikuya ekwahlulelweni, noma, ukulahlwa ekwahlulelweni; kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni,” ngoba bakholiwe eNkosini uJesu Kristu, ukuthi Wafa esikhundleni sabo, ethatha izono zabo. Futhi ngokungalingi kwabo benziwa ukulunga kukaNkulunkulu ngoJesu Kristu. Nampo la bekhona, Baba. Bayimiklomelo yomlayezo. Balapha. Bangabantwana baKho.

²⁰¹ Manje, ngingahle ngingaphinde ngikwazi ukubaxhawula kulomhlaba. Kodwa, Baba Nkulunkulu, phezu kwezisekelo zeZwi laKho ngiyakholwa futhi ngemukela iZwi laKho ukuthi

Wena unguNkulunkulu, futhi Ungeqambe amanga, neZwi laKho liPhakade. Ngibabiza ngeVangeli. Ngiyababiza, ngenxa kaNkulunkulu, ngoJesu Kristu, ethethelela zonke izono zabo.

²⁰² Futhi, Baba, khuleka ukuthi Uzoholela lababantwana ekuPhileni okuPhakade. Baholele embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Babhaphathize, Baba, bangene eMoyeni nasemandleni oMzimba kaJesu Kristu, ukuze bakwazi, bebona ngamehlo abo uqobo, ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Bakukholiwe ngokukholwa manje futhi bakwemukela, futhi phezu kwalezozisekelo Wathi basindisiwe. Ngiyabakhulekela futhi ngibanikela ezandleni zaKho, eGameni likaJesu Kristu.

²⁰³ Manje, njengoba ubona abantu bemile, phakamisa ikhanda lakho, labo omile, bafuna nibaxhawule lapho behlezi phansi. Phezulu lapho kuvulandi osesitezi, lapho, khona lapha, niyazi, nina maKristu eniseduze kwabo manje, nina, njengoba nihlezi, baxhawule nje, uthi, “UNkulunkulu akubusise.” Xhawula lomfanyana lapha. UNkulunkulu abusise inhliziyi yakhe encane lapho. Abanye benu bomama enihlezi lapho, khona lapha. Kunjalo. UNkulunkulu akubusise.

²⁰⁴ UNkulunkulu akubusise, mfowethu, nonyawo oluphukile lapho. Ungakhathazeki, uzoba kahle. Bengikwazi lokho ebusukwini obuthi abube bubili obedlule, ngakho nje ungakhathazeki ngalokho. Ukahle. Ngakho, phezulu lapho kuvulandi osesitezi, konke, ngiyabona, ku—konke, kulungile. O, Akamangalisi na? “Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele.”

²⁰⁵ Uthi, “Mfowethu Branham, uyakukholwa lokho ukuthi kuyiqiniso na?” Ngani, impela ngikholwa ukuthi lokho kuyiqiniso. Bengingeke ngime lapha futhi ngishumaye into engingayikholwa. Ngingena enkathazweni ngaso sonke isikhathi ngokushumayela izinto engizikholwayo. Yilokho okuphethayo. Ngi...Kodwa ngiyakukholwa ngoba uNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakuxazulula kimi. Ngikholwa ukuthi nje kunjenge...ukuthi labobantu, leyontombazanyana, abafana abancane, nalababantu lapha baMbiza eseNkazimulweni ngokufanayo nje nempumputhe uBartimewu waMmisa emgwaqeni. Uyakukholwa lokho na?

²⁰⁶ Bangaki kini ogulayo na? Phakamisani izandla zenu, abagulayo nabadingayo. Amen. Bangaki okholwayo ukuthi lowoNkulunkulu ofanayo...Angazi. Kulungile. Ngi—ngi... Into ethize yangishaya ngaleyonkathi. Ulapha. INgelosi yeNkosi eniyibona kulesosithombe, UNkulunkulu enguMahluleli wami, ngoSuku lokwaHlulela nizothola ukuthi Ukhona lapha manje. Kunjalo. INgelosi yeNkosi ilapha.

²⁰⁷ Omunye umuntu ndawondawo, ndawondawo uyagula. Ba...banokukholwa. Kukhona okunyakazile. Omunye wenze into ethize ndawondawo, noma wenze okuthize. Ubengeke

afike kanjalo, nami ngizama ukubamba lokhu kube yinkonzo yeVangeli.

208 Ninawo amakhadi omkhuleko na? Aninawo na? Awu, awuwadingi. Awuwadingi. Wena yiba nokukholwa futhi ukholwe. Uma ngike ngasho... Nina basha abaphendukile lapha, ngokuba Ulapha... O, bangane, awusoze wazi ukuthi lowo muzwa uma E—uma Ekushaya. Uyazi ukuthi ukhuluma ngani-ke. Kunjalo. Yebo, uyazi ukuthi ukhuluma ngani. O, ngiqinisekile nje ngakho konke. Ninokukholwa manje. Kholwani nje.

209 USara wahlala ethendeni futhi wathi phakathi kwakhe, wahleka, neNgelosi yaphenduka yase ithi, “Uhlekeleni uSara, esho phakathi kwakhe ukuthi lokhu kungebe njalo na?” Ngabe kunjalo na? Kuthiwani ngowesifazane owathinta ingubo yaKhe futhi Wabuka na? Anikholwa ukuthi UyilowomPristi oMkhulu ofanayo kulobubusuku na?

210 Manje, nina basha abaphendukile, ngifuna ukufakazisa kini ukuthi Lowo enimthintile, dadewethu s’thandwa lapha, wena nomncane... udade ohlezi lapha, nomfowethu, umfana omncane, nalowomfanyana nentombazane behlezi laphaya, ngifuna ukunikhombisa ukuthi kwakuyiNkosi uJesu efanayo eyenza isithembiso.

O, he. O, ngifisa sengathi bengingazizwa ngalendlela ngaso sonke isikhathi. Kunjalo. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Khulekani, nonke. Yiba semkhulekweni nje.

211 Ngizonifulathela. Yenzani leyoNgelosi yeNkosi na? Ukunikhombisa ukuthi sisezinsukwini zaseSodoma, ukunikhombisa ukuthi sisosukwini lokugcina, ukuthi lelizwe lapha yiSodoma lesimodeni, ukunikhombisa ukuthi iNgelosi yeNkosi iseyiyo iNgelosi yeNkosi. Manje, aninamakhadi omkhuleko, ngakho ngeke sibe nomugqa womkhuleko. Kodwa awudingi ukuba namakhadi omkhuleko. Into kuphela enginicela ukuba niyenze ngukukholwa ukuthi nginitshela iqiniso, iqiniso leVangeli, futhi nguNkulunkulu.

212 Ngizobuka lababefundisi emuva lapha. Niyakukholwa lokhu, bazalwane na? ngenhliziyo yenu yonke na? Niyakholwa ukuthi iVangeli ebengilishumayela liyiqiniso na? UNkulunkulu abusise izinhliziyu zenu. Kunomuzwa omuhle kabi emva kwami, ukukholwa kwenu bazalwane. Izikhathi eziningi kuleliviki ngigawule futhi ngasika nakho konke okunye. Angifuni nicabange ukuthi nginilimazile. Ngiyanithanda. Ningabafowethu. Kodwa nina uqobo niyazi ukuthi ibandla liyaqhela. Sifanele silibuyise, libuyise. Sifanele silibuyise.

213 Manje, nakhu. Kukhona owesifazane phambi kwami. Ngiyambuka ngqo. Omunye umuntu phandle lapho uthinta umPristi oMkhulu. Ngiyabona ukuthi ubukeka kanjani *lapha*. Umzuzu nje, ukhona oMthintile, ngokufanayo nje

njengoba owesifazane athinta iNkosi yethu uJesu. Yilokho okwenziwe yilo wesifazane, futhi nje ngenza endaweni yaKhe. Niyabo? Nibe nakho konke . . . Niyaqonda na? Manje, kuzoba . . . Ngizokubamba umzuzwana nje. Niyabo, njengoba kuvela e . . . Manje, omunye aMthintu. Ngamunye wenu uyakhuleka. Kholwa manje ngayo yonke inhliziyu yakho. Wahhlala ngokuthula ngempela; kholwa.

²¹⁴ Yebo, mnumzane. Yinenekazi elihlezi khona laphaya ekhoni. Yebo, kunjalo. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Qhobo wena . . . Ngiyazi ukuthi awunalo ikhadi lomkhuleko. Angikwazi; uNkulunkulu uyakwazi. Niyabo, ngeke nonke . . .? Ngifuna nonke nibuke ngapha. Anikuboni lokho kuKhanya okulenga phezu kowesifazane lapho na? Niyakubona lokho—lokho okuncane . . . ngaphezu nje kwakhe ngqo. Niyakubona lokho kuKhanya okubukeka kuyimfihlakalo kulenga phezu kwakhe ngqo lapho na? Manje, bhokisisani, Kuyavuleka. Owesifazane uhlolwe ngudokotela wohlobo oluthize, futhi bamshela ukuthi wayenesimila, uhlobo oluthile lwe . . . Usalinde ukuhlinzwa, kodwa angeke akwemukele ukuhlinzwa. Uzama ukwethemba iNkosi ngokuphulukiswa kwakhe. Kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi.

²¹⁵ Manje, nina abasha abaphendukile, lelolenekazi elihlezi eduze kwalo ngqo lapho, ubonakale eyi . . . Lokho kuKhanya kuhambe kwaqonda ngale kulelolenekazi elihlezi ngakuye ngqo. NaKho futhi. Ngicabange ukuthi Kubuyele emuva enenekazini, kodwa Kuye kulelolenekazi. Liyikholwa, ikholwa elingumKristu. Linolunye uhlobo lwe, njengokuguliswa ukudla, noma, ukuqubuka ezandleni zalo. Kunjalo. Angikwazi, ngiyakwazi, nenekazi na? Awunalo ikhadi lomkhuleko, kusobala. Uyakholwa ukuthi uzosinda na? Uyakholwa ukuthi bekunguNkulunkulu na? U—uyakholwa ukuthi—ukuthi . . . ukuthi ngingakutshela ukuthi ubukhuleka mayelana nani na? Uyakholwa lokho na? ngoNkulunkulu. (Thulani, thulani, hlalani phansi, niyabo, ngiyacela.) Uyakholwa na? Nkk. Bossler, uyakholwa manje ukuthi uzosinda na? UNkulunkulu akubusise. Uyilokho-ke, akunjalo na?

²¹⁶ Kuthiwani ngawe, mfo omncane, ohlezi khona lapha na? NaKhu khona lapha kuwe. Uyakholwa na? Ngiyabona uthi ukuqhotha emahlombe akho, *kanjalo*. Kodwa kukhona okunye ngaphandle kwalokho okungalungile ngawe. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini engalungile ngawe, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Yinkathazo yesisu ophethwe yiyo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo. A-hha. Hhayi isilonda esiswini, unokwethuka nje futhi uphatheke kabi esiswini sakho, yilokho okukwenzayo. Kunjalo empela. Uma ukholwa ngenhliziyu yakho yonke . . .

²¹⁷ Uyakholwa na? Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela. Ninganyakazi. Niyabo, noma nini ugudluzo lokho—lokho—lokho

kwenza okuthize. Niyabo? Hloniphani ngokuzithoba. Kuthiwani ngomuny'umuntu ngakulendlela *lapha* na? Sekufikile *ngapha*, manje ake siwele *ngapha*. Uyakholwa na? (Uma sithola abathathu noma abane, yisho—sho okuthize.)

218 Yiba nokukholwa; ungangabazi. Ngifanele nje ngiqaphele noma yikuphi lapho engi—ngifisa sengathi bengingasho nje *lokhu* noma *lokho*. Angikwazi. Ngifanele nje ngibhekisise. Ukukholwa akuzwa kakhulu kubantu.

219 Inenekazi elincane lihlezi khona lapho lingibuka. Qhabo, i. . . ngemuva kwakho ngqo, dade, kunjalo. . . Ya. Unenkathazo ngamehlo akho, kunjalo. U—uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa kulokho na? Uma ungakwenzi, uzolahlekelwa ukubona kwakho; kufiphala nje ngaso sonke isikhathi. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyi yakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Uyazi angikwazi. Nkk. Johnson, ungaya ekhaya futhi uphile, ukholwe eNkosini.

220 Inenekazi elihlezi eduze kwalo ngqo, ubufanele usukume futhi uhambe emizuzwini embalwa edule. USathane uzamile ngamandla akhe onke ukukuphanga kulokhu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ngenkathazo yakho na? Ungangemukela njengomprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Uyakhukholwa lokho ngenhliziyi yakho yonke na? Angikwazi. Angikaze ngikubone empilweni yami, kodwa ngempela unokuxhumana noNkulunkulu khona manje. Kunjalo. Ugula kabi kabi. Kunjalo. Yisimo senyongo. Kunjalo. Enye into, unenhliziyi ekhulisiwe. Kunjalo impela. Nkk. Miller, phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Hamba, wemukele ukuphulukiswa kwakho. UJesu Kristu uyakuphilisa.

221 Nginiphosela inselelo ukuba nikukholwe lokho. Ngi—nje ngi—nje ngiyanicela nje ukuba nikukholwe. Kulungile, yiba nokukholwa kuNkulunkulu. UyaMkholwa na? “Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele.” UyaMkholwa ngenhliziyi yakho yonke na? Khona-ke ngizweni, lalalani. Mangaki amakholwa alapha na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile, uma uyikhholwa, manje, yehlisa isandla sakho. Nonke ungamakholwa. Bangaki ogulayo na? Phakamisani izandla zenu. Kulungile, makholwa bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Ngizocaphuna iZwi elifanayo. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Yikho lokhu. Niyakhukholwa na? Manje, khulekela omunye umuntu. Beka izandla zakho komunye oseduze kwakho, ngakuwe, phezulu lapho kuvulandi osesitezi. Yebo, kholwani.

222 Lelonenekazi elihlezi laphaya phakathi nendawo lapho, liphethwe yilesosimo sokuguliswa yimizwa, kubangelwa kusukela e. . . Kulungile, yilokho-ke dade, angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami. Ngabe kunjalo na? Kodwa

ubulokhu unokwethuka, o, iminyaka. UKristu uyakuphulukisa, uyakusindisa.

Phezulu lapho kuvulandi osesitezi. Amen. Uniphulukisa nonke uma nizokukholwa. Manje, khulekelani omunye nomunye. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye.


²²³ Baba waseZulwini, ukukholwa kwalababantu kwaletsa iNkosi uJesu Kristu esimweni sikaMoya oNgcwele abuyele phakathi kwabo kulobubusuku, esindisa abalahlekile futhi ephulukisa abagulayo. O Nkosi, bangamakholwa. Babeke izandla zabo phezu komunye nomunye. Bakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, noNkulunkulu ofanayo. “O Jesu, Wena Nnodana kaDavide,” bayamemeza kakhulu. Kwangathi amandla avusa uJesu ethuneni angabavusa bame ngezinyawo zabo ngobufakazi, bememeza futhi bedumisa inkazimulo kaNkulunkulu. Kwangathi bangama njengoBartimewu, bebuka izandla zabo baze babone ukuthi amandla kaNkulunkulu abaphulukisile. Siphelile khona, Nkosi.

Manje, qhubeka ukhuleka, qhubeka ukhuleka, qhubeka nje ukhuleka.

²²⁴ O Nkosi, yinye kuphela into ebingacina inkonzo yokuphulukisa ezenzekelayo, futhi lokho kungaba ukungakholwa. Nginyaqaphela macala onke phezu kwesixuku njengoba ngibuka phandle lapha, Nkosi, ngibone lowomushwe omncane wobumnyama uzama ukubamba lokho kuKhanya okukhazimulayo ngaleya okuzungezayo, kuzama ukuthola indlela yaKho yehla ngalobo bumnyama ukuba uthinte omunye umuntu.

²²⁵ O Baba, Nkulunkulu, ngiphe amandla, ngiphe ukukholwa. Kwangathi abantu bangaqonda ukuthi Ufakazisile, Nkosi, ukuthi ngibatshela iqiniso. Wathi ngenkathi Ulapa emhlabeni, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikhohlela”; futhi uma ngingenzi imisebenzi yoMsindisi wami, khona-ke kwangathi bangangikhohlela. Kodwa Nkosi, Wenza imisebenzi efanayo Owayenza ngenkathi Ulapa emhlabeni.

²²⁶ O Baba, ngiyakhuleka manje ukuthi bayakholelwa engxenyeni. Nginike ukukholwa ukwephula lobo bumnyama phezu kwabo, Nkosi, ukuze lawomandla nokuKhanya kukaNkulunkulu kwehlele phezu kwawo wonke umphefumulo ophakathi lapha, ukuze kuphulukise bonke.

²²⁷ Sathane, uyadalulwa. Ngani, ungudeveli, futhi uzama ukubamba leliqembu labantu. Ngikuphosela inselelo eGamani likaJesu Kristu, phuma kulabo bantu futhi ubayeke. 

61-0215 Wena Ndodana KaDavide, Ngihawukele
EFirst Assembly Of God Of Long Beach
ELong Beach, ECalifornia E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org